# *UKUKHOLWA OKUHLOLISISWE ISIKHATHI*

Ngiyabonga kakhulu.

2 Ningahlala phansi. Kwenza nje inhliziyo yami izizwe ikahle ngempela ukubuyela eNew York kulobubusuku. Bengilokhu nginokuxhuxhuma okunjalo ukuza eNew York. Ngiyazithanda zonke izifundazwe, kodwa kukhona okuthize nje ngeNew York okubonakala kungibamba ngqi, nabantu nempatho yabo enhle ezivakashini. NgingowaseNingizimu, ngithi nifanele nenyukele lapha eNyakatho ukuthola ukuthi ichaza ukuthini impatho enhle ezivakashini yaseningizimu, woza eNyakatho.

3 Ngifisa ukuthatha lesisikhathi ukubonga uMnu. Lloyd Sweet nabobonke a, labo abahlangene ne—ne-Harvest Evangelism, e, iWorld Harvest Evangelism, ngomusa wabo wokusixhasa ngalomkhankaso waseNew England. Futhi sibonga kakhulu ngakho konke abakwenzile, futhi sithemba ukuthi iNkosi enhle yaseZulwini izovele nje ithulule izibusiso zaYo phezu kwemizamo, futhi bathumele isivuno semiphefumulo eMbusweni kaNkulunkulu emizamweni yabo.

4 Futhi ngifuna ukubonga lababefundisi, kulobubusuku, lapha eDolobheni laseNew York, ngiza emsamo, nezihlalo bezihelile nabefundisi, lowo ngabefundisi ababambisanayo. Ngiyabonga, bazalwane bami, ngokukhipha amabandla enu nokuphumela lapha ukusiza ukwenza lona kube umbuthano omkhulu. Impela ngiyakuthakasela, futhi ngethemba ukuthi uNkulunkulu uzonibusisa ngokucebile ngayo yonke indlela enkonzweni yenu.

5 Ngethemba ngesinye isikhathi, bengihlala njalo ngifuna isikhathi lapho singahlela khona umbuthano omkhulu eNew York, futhi nje abantu beFull Gospel bonke bahlangane ndawonye, njengamaBaptisti nalabo abenzela uBilly Graham, futhi—futhi nje sibe nombuthano omkhulu nabo bonke abantu, a—a—abaseSpain, nawo wonke umuntu ndawonye. Ngani, singakwenza lokho, futhi uNkulunkulu ubeyonisa nje izibusiso zaKhe phezu kwethu, ngiqinisekile, uma nje besiyokwenza lokho.

6 Futhi manje, ngiyabonga ngempela ngalokhu ukuhlwa. Ngikhathele, kade ngishumayela futhi nginezinkonzo zokuphulukisa cishe nsuku zonke nobusuku, hhayi nsuku zonke, kodwa njalo ebusuku nangezinye zezinsuku, selokhu ngihambile. Ngithi angibe ngomude kunawo onke engake ngangena kuwo kanye, futhi ngikhathele ngempela. Ukusha

izwi kancane nje, kodwa ngijabule kakhulu enhliziyweni yami ukunibikela ukuthi kube nezinto ezinkulu ezifeziwe zeNkosi yethu ethandekayo kulezifundazwe zaseNew England.

7 Ukuninika nje umbono omncane, uma abanye babazalwane bengakakhulumi ngakho, ngangisemhlanganweni ngobunye ubusuku ngenkathi inenekazi lifa, lihlezi ngakwesokunxele sami, nodokotela lapho wahamba wayothola ukushaya komthambo kulo futhi kwase kungasekho. Ukubona uMoya oNgcwele omkhulu uphenduka futhi ubize igama lalowo wesifazane futhi umvuse futhi! Lokho kwenzeka eHartford, eConnecticut. Nezinto nje ezinjengalokho, Akade ezenza.

8 Kwase kuthi-ke kwakusenhla eBurlington, eNew Hampshire, lapho okwakukhona inenekazi, nje (Ngolunye nje lwezimo.), lalihlezi ngemuva, nomphefumulo othandekayo, alikwazanga ukuthola ikhadi lomkhuleko ukuba lingene emgqeni, ngakho lavele lakhothamisa elalo elithobekile, ikhanda elincane futhi laqala ukukhuleka. Ngikholwa ukuthi lalinesithuthwane. NeNkosi uJesu, ngomusa waYo, yaya lapho futhi yalitshela ukuthi laliphulukisiwe kulesisithuthwane.

9 Futhi wathi, “Futhi, umyeni wakho usedeliwe esibhedlela esithile, unesifo odokotela abangeke bakwazi ukuselapha, akukho okungenziwa futhi bayamdela, kodwa,” wathi, “ungakhathazeki, ngokuba ISHO KANJE INKOSI, usanda kuphulukiswa.”

10 Nesithuthwane salishiya masinyane, futhi lapho lifika ekhaya, ngokusa okulandelayo umyeni walo walibiza, odokotela babemthathe bamngenisa okokugcina futhi abatholanga lutho nhlobo, wayesendleleni yakhe eya ekhaya, ethokoza nje.

11 O, sinoBaba othandeka kangaka, asinaye na? Muhle kakhulu futhi siMthanda kakhulu nje.

12 Futhi manje, kuhle ukuba lapha kulobubusuku, nayo yonke lenhlanganyelo enhle. Futhi—futhi ngi. . .Abanye babangane bethu, ngifanele ngihlangane nabo namhlanje, uKapteni Julius Stadsklev, yonke indlela kusukela ogwadule lwase*Mojave*, noma, ugwadule lwaseMojave eCalifornia. Ungumfundisi wasemasosheni, owayenami e-Afrika, owabhala incwadi, futhi ulapha ndawo ndawo, kulobubusuku. Bese kuthi-ke, futhi, ukuthi uMelusi Boze ulapha evela eChicago, evela ePhiladelphia Church. Futhi—futhi nje abangane abaningi abahle.

13 Futhi angazi noma uNkk. Isaacson ukhona yini kulobubusuku, ubelapha okokugcina, ngikwazile nje ukumvayizelisa ngenkathi esuka emsamo. Uyiphimbo lami laseFinland. Futhi angazi noma ngabe u. . .Ngabe ukhona, Nkk. Isaacson na? Phakamisa isandla sakho, uma ukhona. Wehle emsamo izolo kusihlwa bengilapha, futhi angikwazanga ukumbona. Futhi ungumuntu othandekayo.

14 Futhi nje uMnu. Cox ungibizile ngale e-Indiana, enhla ngaseHammond, uphezulu lapha kulobubusuku. Futhi siyajabula ngani nonke, sijabule kakhulu nje ukuba nalesisikhathi senhlanganyelo. Futhi uNkulunkulu anibusise.

15 Futhi uBilly ungitshelile, lapho ngiphuma emnyango khona manje, wathi, "Babayi, bakuthathele u—umnikelo wothando kulobubusuku." Bengingakulindele lokho, bangane, futhi, kodwa ukuthi nikwenzile, sekuvele. . .Bengingeke ngikwazi ukuwubuyisela manje, ngoba bengingeke ngazi ukuthi ngizowubuyisela kanjani, kodwa ngiyabonga ngomusa ngempela. Futhi ngizoniqinisekisa, ngomusa kaNkulunkulu, ngizochitha lonke isenti lawo eMbusweni kaNkulunkulu, ngokwazi kwami okwedlula konke ukwenza lokho. Ngiyabonga ngomusa. Futhi nje ngethemba ukuthi uNkulunkulu uzonibuyisela ngokuphindwe ngekhulu ngakho konke nokunci kwakho.

16 Futhi manje, ngenkathi sisuka lapha, sisendleleni yethu, ngeSonto elizayo, hhayi ngaleliSonto elizayo, ngeSonto elilandelayo, eDallas, eTexas, nengqungquthela enkulu. Bese kuthi-ke ukusuka lapho senyukela eNyakatho, noma, eNingizimu Carolina, eGreenville, eNingizimu Carolina, i-Interdenominational Ministerial Association Convention. Bese kuthi-ke ukusuka lapho siya eGreen Pines, eNorth Carolina, embuthanweni wamaBaptisti. Bese kuthi-ke ukusuka lapho, emuva ngqo ngale ePhiladelphia lapha, engqungqutheleni yeFull Gospel Christian Business Men.

17 Futhi siyahlakazeka nje, sizama ukwenza esingakwenza, ngoba sikholwa ukuthi iNkosi iyeza masinyane, futhi sifuna ukwenza konke esingakwenza ngenkathi kusesemini futhi singasebenza. Futhi ekuthokozeleni kwakho konke okwenziwe, ngiyambonga uNkulunkulu ngakho konke nokunci kwakho, Okwenze kwenzeka ukuthi lezizinto bezingenzeka.

18 Manje, ngaphambi nje kokuba sifunde iZwi laKhe, asikhothamise amakhanda ethu futhi sikhulume kuYe umzuzwana nje.

19 Nkosi ebusisiweyo, lapho ngicabanga ngokulunga kwaKho, nemiphefumulo esindisiwe kulezizinsuku ezimbalwa ezedlule, izinkulungwane eze emhlanganweni futhi zasizwa, ngi—ngiyakhohlwa nje ngukukhathala, bese kuthi-ke ukuba lapha kulobubusuku nokuzwa uMoya waKho uhamba kulababantu, sazi ukuthi bangabathandiweyo baKho, abantu abagezwe ngeGazi! Futhi ngiyanibonga ngabo bonke. Futhi bengingakhuleka, Nkulunkulu, kulobubusuku, ukuthi Uzosenzela nje into ethize ekhethekile, sihlezi lapha, ngaphansi kokulindela okukhulu. Silindile futhi silangazelela lelohora, lapho iveli lizosuswa khona, siyakuMbona.

20 Futhi siMthanda kanjani, futhi besingathanda ukuwa ngobuso bethu futhi nje sithinte izinyawo zaKhe, ngokuba siyaMthanda! Futhi Baba, ngikhulekela ukuthi Uzobusisa wonke umuntu lapha, nawo wonke umfundisi, wonke umelusi, umvangeli, isithunywa senkolo, noma yini. Yipha ukuthi amabandla abo azophumelela, nomsebenzi wabo weNkosi uzokwanda, nemiphefumulo eminingi ingasindiswa, futhi kungahle kwenziwe okuthile kulobubusuku okuyosisiza ukuba sibambe okusha futhi siqale okusha futhi. Siphe khona, Baba.

21 Manje sivule isivalo seBhayibheli laKho, futhi manje, sihumushele, Baba. Kwangathi uMoya oNgcwele ungakhuluma ngendlela enjalo kulobubusuku, ukuthi lapho siya ezindaweni zethu ezehlukene, kwangathi singasho njengalabo ababevela e-Emawuse, "Izinhliziyo zethu bezingavuthi yini phakathi kwethu, lapho Ekhuluma kithi endleleni na?" ngokuba siyakucela, eGameni likaJesu, iNdodana yaKho, Amen.

22 Ngifisa ukufunda kulobubusuku, ngokuthi umhlangano usendleleni yawo nje kancane manje, kungesikho ukuthatha isikhathi esiningi kakhulu, sinamamayela acishe abe yinkulungwane ukushayela khona manje, futhi ngifuna ukufunda eNcwadini kaMarku oNgcwele, isahluko 12, isahluko 11, njalo, sikaMarku oNgcwele nevesi 22.

> *UJesu waphendula wathi kubo, Kholwani nguNkulunkulu.*

23 Leligama elincane *ukukholwa*, "Yiba nokukholwa kuNkulunkulu." Futhi okwe—okwendaba, ngithanda ukusebenzisa lokhu: *UkuKholwa Okuhlolisiswe Isikhathi*, lawomazwi amathathu, *UkuKholwa Okuhlolisiswe Isikhathi*. Ngamagama amathathu nje, kodwa o, ukuthi kuchaza ukuthini!

24 Futhi ngiyatshelwa eTestamenteni eLidala, ukuthi ukukholwa eTestamenteni eLidala, kwakuyindlela efanayo okuyiyo eTestamenteni eLisha. Abantu abaningi kakhulu bayakhubeka emcabangweni wokukholwa, kodwa kulula kakhulu ukuba nokukholwa.

25 Isibonelo nje, awukwazi ukusuka esihlalweni sakho, uma ukwazile ukungena futhi uhlale phansi, ungeke wagudluka esihlalweni sakho, ngaphandle uma unokukholwa ukuthi uzokwenza; ungeke ufake isigqoko sakho futhi, ngaphandle uma unokukholwa ukuthi ungakwenza; awusoze wadonsa omunye umoya, ngaphandle uma unokukholwa ukuthi ungakwenza. Ukukholwa kujwayeleke kakhulu, ukuthi lapho sikubuka ngento ethize engajwayelekile kancane, sihamba siye ngale ngaphezu kwakho, sizama ukuthola ukuthi kuyilokho okuseduze kwethu ngqo.

26 Manje, eTestamenteni eLidala ngenkathi igazi lalibhecwa phezu kwe—kwekhothamo lomnyango, ngitshelwa ukuthi lafakwa ngehisopi, licwiliswe egazini lase lihlikihlwa phezu

komnyango. Ihisopi nje wukhula olujwayelekile. Futhi lalibhecwa kanjalo-ke, ngehisopi, into nje owawungafinyelela phansi nomaphi futhi uthole idlanzana layo.

27 Futhi lokho kufaneleke kanjani, kulobubusuku, ukusebenzisa ihisopi njengokukholwa, ufaka iGazi ngokukholwa. Ukuthi simbozwe kanjani ngegazi: ngokukholwa, ukukholwa okujwayelekile.

28 Awu, wena uthi, "Kodwa okwezimangaliso nokokuphulukisa, Mfowethu Branham, wuhlobo oluthile oluhlukile lokukholwa."

29 Qhabo, ngukukholwa okufanayo. Kunye kuphela ukukholwa. Futhi zonke izinto ezinhle, nazo zonke izinto ezikhona, ngezasekuqaleni.

30 Bonke ububi ngukulunga nje kuphendukezelwe, ukugula impilo iphendukezelwe, nayo yonke into engalungile, ngokulungile kuphendukezelwe. Awu, okwakuphendukezela kwakunguSathane. NoJesu wafa ukuze Akwazi ukusinika amandla, ngeGazi laKhe, ukulungisa leyonto engalungile, abuyisele izoni ensindisweni, ukugula kubuyele empilweni, ukungalungi kubuyele ekulungeni. Niyabo, kulula kanjalo nje.

31 Futhi izikhathi eziningi siyakweqa, sibheke ukubona, sizingela, "O, uma kuphela bengingenza *lokhu*." Ubungakwenza uma nje ungaxhuxhumi ngakho.

32 Njengoba nje bengizwa uDkt. Vayle lapho sengihamba, ethi inkonzo yami yayiguquka, o, ngijabule kakhulu, hhayi . . . lokhu akuzukusuka, kuyohlala njalo, kodwa kuzoba yinto enkulu ngokwedlulele.

33 Izolo kusihlwa, ngenkathi sisuka esakhiweni emva kokuba umntwana omncane kade ephazamisa kakhulu, ngokwengqondo, nomama omncane akakwazanga ngisho nokumbamba esakhiweni, ubekhahlela nje futhi edazuluka, futhi, o, eqhubeka ngokwesabekayo. Futhi ubemkhiphela phandle, futhi bengimuzwa le ezansi ehholo.

34 Kwase kuthi-ke emva kokuba i—iNkosi ibiyenze izinto ezinkulu, emgwaqeni phandle lapho umama omncane ubebambe leyo encane bandla, ingane enokwengqondo, amehlo ayo amancane, cishe aphumele ezihlathini zayo, umlomo wayo omncane udonseke emaceleni, futhi ibikhahlela futhi idazuluka, futhi ngenkathi ngikhuphuka, ivele nje yangena ekuthukutheleni kwengane. Kodwa, o, leyoNto ethize ebusisiweyo, uBukhona bukaMoya oNgcwele!

35 Ngithe kuMnu. Vayle nakuBilly, abebengikhipha, ngathi, "Nakhu ukuza okusha." Futhi ngabamba umfo omncane ngengalo, ngase ngithi, "Nkulunkulu othandekayo, mayibuyele kokwejwayelekile." Futhi imile, futhi yangibuka phezulu yase imamatheka, nomama wayicosha wayesesuka esakhiweni.

36 EmBhalweni wethu kulobubusuku, izahluko zangaphambilini uJesu wayeshilo esihlahleni, "Akukho sithelo esimila kuwe, noma, akukho-muntu odla kuwe." Wayesethi-ke, emva kwalelivesi, "Uma uthi kulentaba nqukuleka." Hhayi ukuthi, "Uma ngisho." "Uma *wena* uthi kulentaba nqukuleka."

37 Manje, siyazi ukuthi umuntu wayengeke agudluze intaba ngokukhuluma nje kuyo, into kuphela ebingenza lokho bekungaba ubuNkulunkulu. Ngakho-ke, uma intaba iphambi kwethu, nempokophelo yethu ilungile, nenhloso yethu ilungile, khona-ke akusethina esikhulumayo, ngubuNkulunkulu obukhulumayo, khona-ke kuzofanele kuhambe.

38 Ngikholwa ngokweqiniso ukuthi iBandla lisonqenqemeni lokunye kokuthululwa okukhulu kunakho konke Elake laba nakho kulonyaka. Ngiyakukholwa. Ngeke ngasho ukuthi iNkosi ingitshelile, kodwa nje kuyinto ethize ngaphakathi kimi, ibamba nje into ethize, engingakaze ngiyibone yonke impilo yami, kuze kube manje nje. Futhi kuhle kakhulu kanjani ukwazi, ngaphambi nje kokuFika kweNkosi, ukuthi lezizinto ziyenzeka!

39 Manje, ukukholwa kulula kakhulu. UmBhalo uthi, "Ukukholwa kungukuqiniseka ngezinto ezithenjwayo, kuyiqiniso ngezinto ezingabonwayo." Manje, ukukholwa akusiyo inganekwane, kuyinto empeleni onayo, njengalokhu nje: Ukuba bengine. . . Uma bengibulawa yindlala, futhi—futhi ngi. . . uza kimi, ngase ngithi, "Ngibulawa yindlala."

Wena uthi, "Yini ebiyosindisa impilo yakho na?"

Bengiyothi, "Ulofu wesinkwa."

Futhi ubuyongena ephaketheni lakho bese ukhipha amasenti angamashumi amabili nanhlanu bese unginika wona, bese uthi, "Nakhu lapho ukhona, Mnu. Branham, awudingi ukuba ulambe."

40 Awu, angikasitholi isinkwa okwamanje, kodwa nginamandla okuthenga isinkwa. Manje, ngingahle ngibe yimayela ukusuka esinkweni, kodwa ngingajabula nje impela ngaleyokota esandleni sami, njengoba ngingenza ngenkathi ngiphethe isinkwa esandleni sami, ngoba nginamandla okuthenga isinkwa.

41 Futhi lapho ukukholwa kugxilise okwehange ukuthi sekuphelile, ujabule nje njengokungathi ubusuvele ugxuma futhi umemeza, ngoba konke sekuphelile, *usunakho*, kuyinto *owaziyo* ukuthi unayo, akukho okungakunyakazisa. Awulokothi ubhekisise noma yibuphi ubufakazi obubonakalayo, kumbe noma yini enye, uyazi nje ukuthi unakho.

42 Manje, ngenkathi ngithola lesi sinkwa. . . lamasenti angamashumi amabili nanhlanu, ngingahle ngidingeke ngihambe ngiwele amagquma, ngidabule endaweni enameva, nginqamule emanzini, futhi ngingahle ngiwele amabhuloho, kodwa ngaso sonke isikhathi ngiyathokoza, ngoba nginosheleni

abangamashumi amabili nanhlanu, ngazi ukuthi ngizosithola isinkwa masinya nje ngenkathi ngifika lapho, ngamandla okuthenga. Awu, ukukholwa kungamandla okuthenga kwezinto ozithembile, lokho ngukukholwa kwangoqobo, akukho okungakunyakazisa.

43 Manje, iningi labantu linokukholwa kodwa nje abazami ukusebenzisa lokho kukholwa abanakho. Ngikholwa ukuthi wonke umuntu okholwa eNkosini uJesu Kristu ufanele abe nesilinganiso esithize sokukholwa, kodwa isizathu sokuthi akukaze kusetshenziswe kakhulu, yingoba awukaze ukusebenzise kakhulu. Umuntu, ngokwejwayelekile, eza ebandleni, uzongena nje futhi alalele intshumayelo, futhi khona-ke bayokwenyuka futhi bafake igama labo encwadini yebandla, futhi babe yilunga elihle lalelobandla. Lokho kuthi nje akube kude njengoba belokhu benethuba lokusebenzisa ukukholwa kwabo.

44 Manje, ukukholwa kuzokwenza nje noma yini onesidingo sokuba yenziwe uma uzokusebenzisa. Kodwa iningi lamabandla namhlanje, bona, lokho kunjengoba befundisa nje, bemukela uJesu nje ngokukholwa nalokho kuyakuxazulula. Lokho kufana nomuntu owayedla ucezu lwekhabe, wathi, "Lokho bekukuhle, kodwa kusekhona okunye kwalo ndawondawo." Ngakho yileyondlela okungayo, ukwemukela uKristu kuhle, kodwa *kunokuningi* kwakho.

45 Bese kuthi-ke, lapho umuntu emukela uKristu njengoMsindisi oqondene naye, khona-ke zonke izinto ezinhle uNkulunkulu azethembisile zilele ngqo ezihlokweni zeminwe yakhe, ukukukholwa nje.

46 Manje, ungahambi kukho endaweni lapho nje u, "Angazi noma kuzosebenza yini." Ngokufanayo nje njengoba wazi ukuthi uzophuza amanzi: uzosukuma futhi uhambe unqamule kwiphansi, kulula kanjalo-ke nje ukuba yikho ngakho. Awu, iNkosi yakuthembisa, lokho kuyakuxazulula, qhubeka nje ngakho. Lokho ngokwangempela, ukukholwa kwangoqobo.

47 Manje, uma abantu bebengabeka, uma ibandla belingabeka okuningi ukukholwa emsebenzini, ubuzobona izinto eziningi zenzeka ebandleni. Umelusi angahle ame ngeSonto ekuseni, angahle ame ngeSonto kusihlwa, noma nini, futhi ashumayele kanzima ngokukholwa emlayezweni onamandla, kodwa uma amalunga engathathi lowomlayezo bese-ke eqala ukuwusebenzisa, uyowa ubuyele emuva ngqo, nezinyoni zezulu zizowucosha. Niyabo? Niyabo? Kukhiphe nje futhi ukusebenzise, uNkulunkulu ufuna ukwenze.

48 Manje, ukukholwa, njalo isehlakalo esiphelekezela ukukholwa. Futhi bekungaba kanjani kulobubusuku na? Bengizosho kinina besifazane lapha, ukuthi ninezinyoni ezincane eziyimizwilili, kanjalonjalo, enizithandayo, isilwane

esifuywayo esincane. Bekuyokusiza ngani ukukunika onke amavithamini ongawanikeza embewini yakho, ukwenza amakhulu, amathambo aqinile, na—na—namaphiko amahle, kanjalonjalo, uma ukugcina esibiyelweni ngaso sonke isikhathi na? Niyabo? Asikho isidingo sokuyinika amavithamini uma uzoyigcina esibiyelweni, ayiwadingi amavithamini ukwenza amaphiko aqinile, ngoba ayikaze ithole ithuba lokuwasebenzisa.

49 Kusiza ngani ukushumayela iBhayibheli likaNkulunkulu ophulukilisayo, likaNkulunkulu onamandla, futhi utshele abantu ukuthi izinsuku zezimangaliso selwedlule na? Kusiza ngani ukuthumela abefundisi emakholiji ezenkolo, nasemakholiji, kanjalonjalo, futhi bafunde zonke lezizinto ezehlukene, bese kuthi-ke—kuthi-ke beza batshele abantu ukuthi yinto eyayikhona, ayisekho na?

50 Kufana nje nokuthatha indoda, ibulawa amakhaza, bese uthi, "Nasi isithombe esihle somlilo omkhulu, opendiwe." Indoda ayikwazi ukufudumala ngomlilo opendiwe, iyagodola futhi ifanele ifudumale.

51 Futhi umuntu owomele uNkulunkulu angeke eneliseka kuze kwenzeke okuthile. Yisehlakalo. Nalolohlobo lwesehlakalo luzoveza ukukholwa okukhulu. Awusoze wazi ukuthi kuyini. Ungeke wethemba uNkulunkulu Ongakaze uhlangane naye.

52 Isibonelo nje, ngesinye isikhathi eBhayibhelini, u-Israyeli wabizelwa empini emelene namaFilisti, futhi ayemi ngale egqumeni, no-Israyeli wayebuthene ngaphesheya kwesigodi ngapheshe ya. Futhi kusobala, njengodeveli nje, lapho ecabanga ukuthi unokukhohlisa kuwe, uyovele nje abhekane nawe kunoma yini.

53 Futhi babenesikhulu kakhulu, sangaphambi komlando, isiqhwaga laphaya esigama linguGoliyati, iminwe yaso yayingamayintshi ayishumi nane ubude, futhi sasinomkhonto onjengenalithi yomaluki, mhlawumbe ukusuka lapha kuya ezitebhisini, futhi senza isiphakamiso nabantu bakwa-Israyeli, sathi (Sinobuqili kanjani isono!), sathi, "Asingabi nakho ukuchitheka kwegazi manje," sathi, "asikho isidingo sokuba wonke umuntu abulawe kulempi. Bhekani kini indoda laphaya bese niyidedela ize ngapha futhi ilwe nami, futhi uma ngiyibhaxabula, nizosikhonza; futhi uma ingibhaxabula, khona-ke sizonikhonza."

54 Manje, yileyondlela udeveli akwenza ngayo lapho ecabanga ukuthi unamandla.

55 Uma kwakukhona noma yimuphi umuntu empini yonke yakwa-Israyeli owayekwazi ukulwa nalesi siqhwaga, kwakunguSawulu, wayenekhanda namahlombe angaphezu kwempi yakhe yonke, wayeyiqhawe kusukela ebusheni bakhe. Wayazi ukuthi siphathwa kanjani isihlangu, umkhonto, ukuthi uqondiswa kanjani lowomkhonto uphume esandleni somunye

umuntu, wafundisa amadoda, o, wayengumbhishobhi, wayazi ukuthi ifundiswa kanjani yonke isayense yezenkolo, kodwa into yakho yayingukuthi, wayengakaze abe nesehlakalo sokuhlangana noNkulunkulu ngakho.

56 Nalesisiqhwaga esikhulu siphuma nsuku zonke futhi senza ukuqhosha kwaso, kodwa ngoluny'usuku saqhosha kanye kaningi kakhulu. Kwakukhona omncane, umfo obukeka ebomvana, emahlombe aqhothile nezinwele zilenga emehlweni akhe, wenyukela ekamu ukuvakashela abafowabo, wayenophaya onamareyizini, kanjalonjalo, uyise wayethumele phezulu lapho kubafana, negama lakhe lalinguDavide, wayengumelusi wezimvu omncane. Futhi ngenkathi ezwa lesisiqhwaga siphuma lapho futhi sathi, "Nizokwenzenjani ngakho, bafo na?" wakusho ngesikhathi esingalungile, kwawela ezindlebeni zomuntu owayemazi uNkulunkulu.

57 Wathi, "Uqonde ukungitshela, ukuthi izimpi zikaNkulunkulu ophilayo zizoma lapha futhi zivumele lowomFilisti ongasokile adelele lezizimpi na?"

58 Ngiyamangala namhlanje ukuthi bekungenzeka kanjani ukuthi ongasokile angasukuma futhi ame phakathi nosuku, lapho uJesu Kristu eseZibonakalisile emhlabeni ngeBhayibheli elivuliwe! Nisho ukuthi lelizwe elingasokile, layo yonke lesayense yezenkolo, nezimfundo, kanjalonjalo, ukuthi ngiyoma ngithule lapho uNkulunkulu wami ephila na? futhi lidelele iZwi eliNgcwele likaNkulunkulu na? Ngeke! Ukuba bengifanele ngicwile emikhondweni yami, bengiyothatha uNkulunkulu futhi ngime eZwini laKhe. Ngani na? Lababefundisi bazokwenza into efanayo. Ngani na? Isizathu esifanayo uDavide asho akwenzayo. Mabababize ngabagingqiki abangcwele, mabababize nganoma yini abangababiza ngayo, bayazi ukuthi bakhuluma ngani.

59 "O," wena uthi, "kodwa lomfo ungumbhishobhi omkhulu."

Angahle abe nguphapha, kodwa lokho akwenzi mehluko.

60 UDavide wayengenakho konke ukuqeqeshwa u—uSawule ayekade enakho, futhi wayengumuntu nje omncanyanyana oyisijuqwana. Kodwa waye. . .IBhayibheli lathi wayebomvana, umfo omncane nje, unebhantshi elincane lesikhumba semvu koluncane, niyazi, njengomuntu wesilisa omncane ontekenteke, sibabiza kanjalo. Futhi lapha wayemi lapho ebuka phezulu kubafowabo nabo, wathi, "Niqonde ukuthi nizovumela lowomFilisti ongasokile adelele amabutho kaNkulunkulu ophilayo na?" Wathi, "Ngizohamba ngilwe naye!"

61 O, leso kwakuyisibindi! Nkulunkulu siphe abanye oDavide, namhlanje, esikudingayo.

62 Wayekhuluma kukuphi uDavide na? Nabafowabo bathi, "O, ngiyazi ukuthi ufuna ukuganga, siyazi nje ukuthi wenyukela lapha nalokho kuganga ephimbweni lakho, ngakho-ke sizokuthumela emuva ekhaya."

63 Futhi kwafinyelela ngakuSawulu. Ngakho uSawulu wambiza, futhi wayefuna ukwazi ukuthi wayengubani lowomfanyana. Futhi bamenyusela lapho phambi kukaSawulu, futhi—futhi uSawulu wathi, "Ungeke ulwe naleyondoda," wathi, "awulutho ngaphandle kosemusha, futhi yena uyiqhawe kusukela ebusheni bakhe." Futhi wathi. . . Ngifuna niqaphele ukuthi uDavide wathini. USawulu wathi, "Umzuzu nje, uma ufuna ukuhamba, ngizo—ngizokulungisa."

64 Ngakho wakhumula isihlangu sakhe wayesesinikela kuDavide wayegqokisa izikhali zakhe kuDavide. Futhi ubungathini nje ukuthi isigqoko sakhe sesivikelo sasibukeka kanjani na? Lelokhanda elikhulu likaSawule, nalesosigqoko sihlezi phansi phezu kwezindlebe zikaDavide omncane, namahlombe abanzi *kangaka* nesihlangu, noma, izikhali ezingaba banzi *kangako*. Ngani, umfo omncane bandla akakwazanga ukusiphakamisa; lokho ukuzama ukufaka iziqu zobudokotela endodeni kaNkulunkulu.

65 NoSawulu wathola ukuthi ivesti yakhe yesayense yezenkolo ayiyinelanga indoda kaNkulunkulu. Wathi, "Susa lento kimi, angazi lutho ngayo." Ukuthi uma kanjani futhi uphindaphinda iSivumokholo somPhostoli, *esibizwa kanjalo*, futhi uthi, "*A-men*." Ngani, wayengazi lutho ngalokho! Wathi, "Kodwa ake ngihambe nento engiyaziyo ukuthi ngikhuluma ngani."

66 UNkulunkulu uyazi ukuthi yilokho esikudingayo kulobubusuku, ngamadoda asembuthweni kaNkulunkulu aziyo ukuthi akhuluma ngani, hhayi ukuthi ngabe aneziqu zobudokotela noma ini; bangahle bangabazi o-ABC babo, kodwa bayamazi uKristu, futhi leyo yinto esemqoka.

67 UDavide wathi, "Ngibe nesehlakalo. Ngibe nesehlakalo ngalamandla engikhuluma ngawo. Ngolunye usuku ngangisemuva phandle lapho kwingemuva logwadule, ngelusa izimvu zikababa wami, nebhere lagijima langena lathatha eyodwa, futhi ngavele ngathatha indwayimane futhi ngalishaya ngalilahla phansi ngayo, ngayikhipha emlonyeni walo." Futhi wathi, "Ingonyama yangena futhi yathatha eyodwa, futhi ngayishaya ngayilahla phansi, futhi yangivukela, futhi nga—ngayibulala. Ngani," wathi, "uNkulunkulu owazikhululela ezandleni zami, Angeke yini Amkhulule kakhulu lowomFilisti ongasokile odelela izimpi zikaNkulunkulu ophilayo na?"

68 Uma uNkulunkulu akukhulula esonweni, Uzokukhulula kakhulu kangakanani ekuguleni kwakho na? Uyakwazi ukuthatha futhi aguqule imvelo yakho futhi akwenze umuntu omusha, kungani ubungesaba nganoma yikuphi ukugula na? Uma Engasindisa umphefumulo wakho futhi aguqule imvelo yakho, aguqule izinjongo zakho, aguqule imibono yakho, Angakuguqula kakhulu kangakanani ukugula kwakho kube yimpilo futhi akubuyisele endaweni yakho efanele futhi, lapho

kungokwakhona na? Kulula kakhulu nje ukuthi seqa ngaphezu kwakho. Lapho . . .

69 Futhi, kusobala wathi, "Ngiyasazisa isibindi sakho, ndodana, kodwa kungukufa kwakho." Ngakho wathatha indwayimane yakhe encane futhi wathola amadwala amahlanu, wafaka elilodwa, noGoliyati wahlekisa ngaye. Ngifuna nibhekisise, wayenamadwala amahlanu. Futhi nina bafana niyazi ukuthi yini indwayimane endala, isiqephu sesikhumba, futhi, ngani, sasivame ukukwazi ukushaya okusampukane enomzimba omude kusuke othangweni ngayo, kalula nje ngakho konke. Bese kuthi-ke siyo . . . Lowo yiminwe emihlanu, amadwala amahlanu, k-h-o-l-o ku u-J-e-s-u. Nangu eza! Isiqhwaga sizofanele siwe manje! Futhi wazuza ukunqoba. Ngoba ngani na? Wayenesehlakalo ukuthi wayazi ukuthi uNkulunkulu wayengakhulula.

70 Indoda ayifanele ukuma emva komsamo, noma, ipulpiti, ize Ihlangane noNkulunkulu futhi ibe nesehlakalo. Akukho-muntu onelungelo lokuba bazibize ngomKristu, baze kuqala babenesehlakalo noNkulunkulu. Kunjalo.

71 Kwakungu-Abrahama, emva . . . Wayengumuntu ojwayelekile nje owehla futhi wahlala e—eShineyari, ezansi emzini wase-Uri. Futhi nje wayeyikholwa elijwayelekile, kodwa ngoluny'usuku uNkulunkulu wahlangana naye, futhi Wakhuluma kuye, futhi u-Abrahama waba nesehlakalo. Futhi emva kokuba u-Abrahama enalesosehlakalo, wakwazi ukutshela uSara, "Hamba uthenge ingubo emagqabhagqabha bese ulungisa bonke ophini, sizoba nengane, angikhathali ukuthi umdala kangakanani."

72 Ngani na? Wayekade enesehlakalo kuqala, sokukhuluma ubuso nobuso noNkulunkulu. Wayengabiza lezozinto ezazingekho ngokungathi zazikhona, *emva* kokuba esehlangane noNkulunkulu futhi waba nesehlakalo, hhayi ngaphambi kwakho, emva kwakho. Yileyo indaba ngabantu kulobubusuku kulamadolobha amakhulu nawo onke amadolobha emhlabeni, yingoba benqaba ukwemukela uMoya oNgcwele.

73 Nina maMethodisti, nani maBaptisti, nani Presbyterian, neKatolika, niyizidalwa ezingabantu futhi okungukuthi uKristu wazifela, futhi unelungelo kakhulu impela kulezizibusiso njengoba amaPentecostal enalo, kodwa into kuphela okuyiyo, uzosayina nje igama lakho encwadini yebandla, esikhundleni sokuhlala lapho uze ube nesehlakalo sokuthi uNkulunkulu usekuguqulile ngombhaphathizo kaMoya oNgcwele. Kuthatha isehlakalo ukuphelekezela ukukholwa, uyazi ukuthi ubukuphi. Ngani, uDavide wayazi ukuthi wayekhuluma ngani, wayehlangane noNkulunkulu.

74 U-Abrahama wayazi ukuthi wayekhuluma ngani, ngokuba wayehlangane noNkulunkulu. Iminyaka engamashumi amabili

nanhlanu wakhuthazela, ngoba wakholwa ukuthi uNkulunkulu ayehlangane naye, wasusa onke amathunzi okungabaza kuye, futhi walinda iminyaka engamashumi amabili-nanhlanu yaze yazalwa leyongane. Ngani na? Waba nesehlakalo sokuhlangana noNkulunkulu.

75 Manje, kwakunguMose owakhuliswa kuyo yonke isayense yezenkolo iGibhithe elalingakwazi ukumnika yona, wayekhaliphe kakhulu waze wakwazi ukufundisa amakhosi aseGibhithe ukuhlakanipha. Futhi wayazi ukuthi wazalwa engumHeberu, wayazi ukuthi wazalwa engumkhululi. Kodwa bukani ukuthi yimfucumfucu enjani ayenza ngakho, ngenkathi ezama ngaphakathi kwakhe ngaphambi kokuba abe nesehlakalo. Wayenakho konke ukufunda esikoleni, wayenolwazi ukuthi wayengumkhululi, kodwa, niyabo, wayengakaze abe nesehlakalo okwamanje. Kodwa, o, mfowethu, ngenkathi ehlangana noNkulunkulu lapho kulesosihlahla esivuthayo, wayazi ukuthi wayeyini emva kwalokho, wayazi ukuthi uBani ayemkholiwe. Wayekwazi ukubekezela yonke iminyaka engamashumi ayisishiyagalombili sengathi uyaMbona Ongabonwayo.

76 Ukubukeka okunje okuhlekisayo pho, ukubona indoda . . . Ukukholwa kukanjani, ukuhlangana noNkulunkulu, kuzoshintsha umuntu! Kuyokwenza wenze izinto ezibonakala ziwubuhlanya kakhulu ezweni, kuyokwenza uziphathe ngokwehlukile, futhi ungeke ube nandaba ukuthi noma ubani uthini, inqobo nje uma wazi ukuthi ubukhuluma nani.

77 UMose, egijima esuka eGibhithe, iminyaka engamashumi amane ogwadule, kodwa imizuzu emihlanu eBukhoneni balesosihlahla, ngokusa okulandelayo nangu wehlela eGibhithe, umkakhe ehlezi egxamalezele umnyuzi, nengane enqulwini ngayinye, futhi yena eyindoda eneminyaka engamashumi ayisishiyagalombili ubudala nenduku endala esandleni sakhe, ubuhwanqa buphephezela. “Uyaphi, Mose na?”

78 “Ngehlela eGibhithe ukuyolidla.” Ukuhlasela komuntu oyedwa! Into yakho yayingukuthi, wakwenza. Ngani na? Waba nesehlakalo.

79 Njengeqhawe nensizwa, wabaleka ebusweni bukaFaro engenaso isehlakalo, kodwa ngesehlakalo, waya ebusweni bakhe futhi wamtshela, “Ngizoshaya lelizwe ngezinhlupho, ngaphandle uma udedela lababantu bahambe.” Wayengesabi. Ngani na? Wayehlangane noNkulunkulu ubuso nobuso.

80 Mfowethu, dadewethu, kunendawo eyimfihlo ukuthi lonke ikholwa lifanele liye kuyo: ingemuva logwadule, lapho kulezo zihlabathi ezingcwele. O, akukho dokotela wesayense yezenkolo, akukho sifundiswa esikhulu samaGreki noma samaHeberu, akukho sikole noma ikholiji, bangahle banisonte nonke kuloluhlobo lwezinto, kodwa uma uke wahlangana

noNkulunkulu kulezo zihlabathi ezingcwele, uSathane akakwazi ukubeka izinyawo zakhe kulezo zihlabathi, uyazi uhlangane noNkulunkulu, Into ethize yangempela. Kwakuyini na? Ukhulume kuNkulunkulu qobo lwakho, ube nesehlakalo.

81 Akukho-muntu onelungelo lokuthatha ipulpiti ukuba ashumayele iVangeli, ngaphandle uma eke waba nesehlakalo sangemuva-sogwadule, akukho-muntu. Akukho-muntu onelungelo lokuzibiza ngomKristu baze babe nesehlakalo sangemuva-kogwadule. Kusalokhu kuyingemuva logwadule, sikubiza ngokuthi, "ikamelo eliphezulu," kodwa kuseyingemuva logwadule, futhi. Yilapho ohlangana khona noNkulunkulu.

82 O, kuhlekisa kanjani kulobubusuku ukuthatha abantu ubangenise ebandleni ngokubhaphathiza nje emanzini nokufaka igama labo encwadini! O, sidinga eyifeshini endala, imvuselelo kaPawulu oNgcwele, noMoya oNgcwele weBhayibheli ubuyele ebandleni futhi, nowangempela, umhlangano oyifeshini endala, isehlakalo. Emva kokuba usube nesehlakalo, khona-ke uyazi ukuthi ukhuluma ngani, yilapho usunokukholwa khona.

83 Bangahle bakuchaze, bathi, "Awu manje, ubungafanele ukuba yiMethodisti, ubungafanele ube yiPentecostal," bangahle bakukhulume uphume kulokho, kodwa lapho sekufika endaweni yaleyondawana engcwele lapho ohlangane khona noNkulunkulu, mfowethu, uSathane akakwazi ukubeka izinyawo zakhe ezingcolile kuleyondawo, uyazi ukuthi ukhulume noMuntu othize lapho, uyazi ukuthi kukhona okwenzekile. Yebo, mnumzane. Wawulapho, wazi konke ngakho, kusukela lapho kuqhubeke, ungahamba futhi uziphathe njengomKristu wangempela.

84 O, ukuziphatha namhlanje, kwabantu abazibiza ngamaKristu! Akumangalisi abesifazane bakithi abampofu bependa ubuso babo, futhi begunda izinwele zabo, begqoka izikhindi ezincane, nezinto, yingoba behlulekile ukuthola lelobala emuva lapho kulezo zihlabathi ezingcwele ngaleya. Kunjalo.

85 Akumangalisi amadoda akithi ekuvumela, futhi ebhema osikilidi, nezinto, ehluleka ukuthola leyondawana engcwele ngaleya ndawondawo, lapho uNkulunkulu nomuntu behlangana khona ndawonye. Kunjalo. Yilokho esikudingayo kulobubusuku, mngane wami othandekayo, uyakwazi lokho. Kuyihlazo ezinsukwini esiphila kuzo, yingalesosizathu uNkulunkulu engenakuthumela imvuselelo, Akanakho okuningi angayakhela kukho, bangane. Yebo.

86 Kodwa U. . .Ngiyajabula ngalokhu: "Lamatshe ayakwazi uku. . .uNkulunkulu angamvusela u-Abrahama abantwana kulawamatshe." Kukhona abambalwa abasasele ngakuyo, esitolo, nasezansi emisebenzini, kanjalonjalo, abasamthanda uNkulunkulu, Ubehlala njalo enensali yabantu, Unabo

kulobubusuku, abaMkholwayo akunandaba ukuthi noma ubani uthini, bayakukholwa ukuthi kuyiqiniso. Isehlakalo, ukwazi uNkulunkulu, ukwazi amandla aKhe, ukuMthanda, o, emva kokuba usube nesehlakalo noNkulunkulu, kukwenza umuntu ohluke kanjani pho, kukwenza wazi kanjani ukuthi umi kuphi.

87 Ngisho nokufa qobo lwakho ngeke kwakwehlukanisa nakho, qhabo, uDavide wathi, "Yebo, noma ngihamba esigodini sethunzi lokufa, angiyikwesaba okubi: ngokuba Wena unami." Uthola ukuziphatha kwethu kahle.

88 Esikhathini esithile esedlule, ezansi eNingizimu, babevame ukuthengisa abantu abangamakhaladi babe yizigqila, ngenkathi a—ama-Afrika ebaletha ngapha, amaBhunu futhi abathengisa babe yizigqila. Futhi babezithenga ezimakethe njengoba nje wenza ezimotweni esezike zasetshenziswa, izidalwa ezingabantu, futhi bazithengise futhi bazithenge, nabathenga bathengisele abanye babefika futhi benze kanjalo.

89 Ngoluny'usuku, othenga athengisele abanye wafika epulazini elithile ukuzothenga ezinye izigqila. Futhi—futhi lomnikazi wathi, "Nginezigqila ezimbalwa ebengingazithengisa."

90 Wathi, "Awu, ake ngizibheke."

91 Futhi waziqaphela izigqila, zazikude nomama nobaba, ingane, nomyeni, futhi zazingasophinde zibuyele emuva futhi, zaziyizigqila, futhi zaziyofela lapha ezweni labezizwe. Izikhathi eziningi zazidabukile, futhi zikhala, futhi zonke ziphazamisekile, ngoba zazingeke ziphinde zibabone abathandekayo bazo futhi, ngakho ba—babeyozibhaxabula ukuze bazenze zisebenze.

92 Futhi kwenzeka baqaphela insizwa eyodwa, babengadingeki ukuba bayibhaxabule, ikhanda layo lalisemuva, nesifuba sayo siqhunsukile, futhi nje yayikahle nje ngakho konke. Nalomthengi wezigqila wathi, "Ngingathanda ukuthenga lesosigqila."

Kodwa umnikazi wathi, "Asithengisi."

Wathi, "Kungani singathengisi na?" Wathi, "Ngabe singubasi phezu kwazo zonke ezinye na?"

Wathi, "Qhabo. Siyisigqila nje."

"Awu," wathi, "mhlawumbe usiphakela kangcono kunoma uphakela zonke ezinye izigqila na?"

Wathi, "Qhabo, sidla phandle ekamelweni lokudlela emkhunjini nazo zonke ezinye."

"Awu," wathi, "yini esenza sehluke kakhulu kangaka kuzo zonke ezinye na?"

93 Wathi, "Ngamangala isikhathi eside mina uqobo, ngaze ngathola. Lowobabayi womfana, ngale ezweni lendabuko, uyinkosi yesizwe, nakuba engowezizwe futhi esezweni elikude, nokho uyazi ukuthi uyindodana yenkosi, futhi uziphatha njengayo."

94 O, nakuba sigxekwa futhi sibizwe ngohlanyayo, nokho singamadodana namadodakazi eNkosi, singabafokazi, kepha nokho siyakwazi ukuthi:

UBaba wethu ucebile ngezindlu namasimu,
Uphethe ingcebo yezwe ezandleni zakhe!

95 Singumntwana weNkosi, asiziphathe njengaye, asiziqondise, asibhekane nesitha futhi sazi ukuthi uNkulunkulu unguBaba wethu, UyiNkosi. Nakuba sisezweni lemfashini, nemfundo, nesayense yezenkolo, lokho akuhlangene ngalutho nakho, khipha isifuba sakho, hamba uye phambili, kholwa uNkulunkulu. Impela. Yiba nesehlakalo lapho uzalwa kulowomndeni wasebukhosini. Emva kokuba usube nalesosehlakalo, uziphatha kanjalo. Impela.

96 Manje, kwaku. . .Niyabo, uFiliphu, ngesinye isikhathi, ngenkathi ewela ukuyothola uNathanayeli, kwaku. . . Wayengahamba enze futhi atshele uNathanayeli emva kokuba esezwe uJesu ethi, "Igama lakho unguSimoni, negama likaYihlo nguJonase." Emva kokuba esebe nalesosehlakalo, wayengahamba ayotshela uFiliphu, noma, uNathanayeli, ukuthi yiziphi izinto ezinkulu ayebone uJesu ezenza. Ini, ngaphambili na? *Emva* kokuba esebonile, emva kokuba esebone uJesu enza lokho.

97 Lababaphostoli lapha, ngaphambi kokuba uJesu abatshele ukuba babe nokukholwa kuNkulunkulu, nokugudluza izintaba, Wakhombisa Ayengakwenza: Waqalekisa umuthi waseke ebavumela bawubone usubunile. Niyabo, *emva* kokuba sebebone umuthi ubuna, khona-ke Wathi, "Yibani nokukholwa kuNkulunkulu," emva kokuba Esenze into ethize, emva kokuba Esefakazisile ukuthi Wayeyini.

98 Futhi lapho uNathanayeli waye. . .esendleleni yakhe ebuyayo, futhi kungukuthi wayekade exoxisana noFiliphu, futhi ethi, "Manje akukho okuhle obekungavela eNazaretha."

99 Kodwa ngenkathi enyukela eBukhoneni bukaJesu, noJesu wathi, "Bheka umIsrayeli, okungekho nkohliso kuye!"

Wathi, "Rabi, ungaze nini na?"

Wathi, "Ungakabizwa nguFiliphu, ngenkathi ungaphansi komuthi, Ngakubona."

100 Kwakusemva kokuba uJesu eseshilo lokho ukuthi wathi, "Wena uyiNdodana kaNkulunkulu; Wena uyiNkosi ka-Israyeli." Emva kokuba esebe nesehlakalo sokukubona, wazi-ke ukuthi WayeyiNdodana kaNkulunkulu.

UJesu wathi, "Ngoba Ngikutshelile, Ngakubona phansi komuthi, uyaNgikholwa na?"

101 Kwakungowesifazane owayeqophisana noJesu ngenkolo yakhe nenkolo yaKhe, ehlezi emthonjeni, "Uthi Umkhulu kunobaba wethu, uJakobe na? Ngani, UngumJuda, kukhona ukwehlukana kulelizwe, awunamsebenzi wokukhuluma nami! Futhi Wena uthi abantu bafanele bakhonze eJerusalema, futhi sithi kulentaba," Niyabo? Wayeqophisana naYe ngenkolo yakhe, wayefuna ukubamba inkulumo-mpikiswano encane naYe.

Akaqondanga ngempela ukuthi Wayengubani, Waze Wathi, "Hamba, ulande indoda yakho, uze lapha."

Wathi, "Anginandoda."

Wathi, "Usho iqiniso. Ubunayisihlanu, nale ohlala nayo manje ayisiyo indoda yakho. Wena usho kahle."

102 Kungemva kokuba Esekushilo lokho, ukuthi owesifazane washiya imbiza yakhe yamanzi futhi wagijimela emzini, wayesethi, "Wozani, nibone uMuntu Ongitshele engikwenzile. Akuyena yini uMesiya Lona na?" *Emva* kokuba Esemtshelile. Wayengafuni ukuphikisana naYe ngaleyonkathi. *Emva* kokuba Esezazisile Yena uqobo.

103 Kwaku*semva* kokuba owesifazane onomopho esethinte ingubo yaKhe wayesehamba wayesehlala phansi, ekholwa enhliziyweni yakhe ukuthi wayenokukholwa kokuphulukiswa kwakhe, futhi kwaku*semva* kokuba uJesu eqalazile, wayesethi, "Ubani ongithintile na?" futhi akekho owakhuluma, futhi Wabuka phandle ezethamelini futhi watshela owesifazane omncane ukuthi yayiyini inkathazo yakhe, nokuthi wayephulukisiwe, kwakusemva kwalokho, ukuthi wonke umuntu, khona-ke waqala ukuthinta ingubo yaKhe, ngokuba babehlola ukukholwa kwabo, nabo.

104 Izwe lifuna ukubona into ethize yangempela. Ngilambele izinto zangempela, ngilambele ukubona iBandla lima kulezizinsuku zokugcina, ngilambele ukubona omuhle oyifeshini endala, iPentecostal, uMzimba kaKristu uvuka ngamandla kaMoya oNgcwele, ubiza okulungile, ngokulungile, nokungalungile, ngokungalungile, inhliziyo yami ilangazelela ukukubona.

105 Izinsalela ezincane ezilindile, azilindele ukubona ukuthi singawenza abe makhulu kangakanani amahlelo ethu, azilindile ukubona ukuthi singagqoka kahle kangakanani, noma ukuthi likhulu kangakanani isonto esingalakha, zilindele ukusibona sibonakalisa ukuPhila kweNkosi uJesu Kristu ngothando namandla.

106 Zilindele ukubona isikhathi lapho i-Oneness, iTwoness, iTrinity nabo bonke ndawonye, bazobhidliza izindonga zabo ezincane bese bebeka izandla zabo ezandleni zomunye nomunye

bese bethi, “Singabazalwane.” Kulindele i-Assemblies, neHoliness, iPentecostal Holiness, neChurch of God, abaseMexico, nabantu abangamakhaladi, na—namaJapane, nabamhlophe, nabo bonke ndawonye, ukujoyina izikhundla njengoMzimba omkhulu kaJesu Kristu. Abanandaba ukuthi sibafundisa kahle kanjani abashumayeli bethu, bafuna ukubona ubuqiniso, khona-ke banesehlakalo uma likhona iqiniso; yilokho esikudingayo, isehlakalo.

107 Ngibone umuntu ononya kunabo bonke engake ngambona empilweni yami elethwa kuKristu yinto efana nayo, esikhathini esingeside esedlule. Phezulu lapha kulezizifundazwe zaseNew England lapho engizingela khona, nginomngane olungileyo, ngicabanga ukuthi uhlezi khona emuva lapha kulobubusuku, wayengomunye wabazingeli ababedlula bonke engake ngabalandela. Futhi ngiyathanda ukuzingela, qhabo, hhayi ukubulala inyamazane, kungukuba wedwa noNkulunkulu, usuke kuwo wonke upetroli, nentuthu kasikilidi, nakho konke ukuqhubeka ukuze ube wedwa noNkulunkulu, phezulu le endlini enkulu yesonto enesihlalo sombhishobhi, esiqongweni sentaba, amamayela namamayela ukusuka ndawo. Khona-ke uNkulunkulu uyehla, ungaMuzwa enyenyeza ngesihlahla seshoba, ungaMuzwa ekhala empisini, ngaleya, ungaMuzwa enyamazaneni idiye lapho ithimula. Ngani, ungaMuzwa nje ndawo zonke! Njengoba ukhozi ludazuluka, ungaMbhekisisa, uMlalele.

108 Futhi ngangivame ukuzingela phezulu lapha eziNtabeni eziMhlophe nomngane olungileyo. Wayengumzingeli okahle, umdubuli oyisimangaliso, nomfo omuhle, kodwa wayeyindoda enonya kunawo onke engake ngayibona, wayenenhliziyo enonya. Wayevame ukudubula amazinyane ezinyamazane amancane ukuze nje angenze ngiphatheke kabi. Futhi wayethatha elincane. . .Izinyane lenyamazane elincane ngencane, ingane yenyamazane idiye.

109 Futhi manje, uma umthetho uthi ungabulala izinyane lenyamazane, lokho kulungile, akukho lutho oluphambene nalo; u-Abrahama wabulala ithole futhi waliphakela uNkulunkulu, ngakho, kodwa hhayi ukuba nje ulokhu uwadubula, ukuba nje ube nonya. Niyabo, ngeyakho—yimpendukezelo yakho, isimo sakho sokuziphatha.

110 Futhi ngakho wa—wayevele nje adubule lawomazinyane ezinyamazane amancane. Futhi ngiyothi, “Bert, ungakwenzi lokho. Ungumfo ononya kunabo bonke engake ngambona.”

Futhi wathi, “O, Billy, hlakanipha. Ungumshumayeli onenhliziyo yenkukhu nje.”

“Ngani,” ngathi, “akuthathi umshumayeli onenhliziyo yenkukhu ukwazi okulungile kokungalungile.” Ngathi, “Awufanele ukwenze lokho.”

111 Futhi ngomunye unyaka ngenkathi ngenyukela lapho, wayenempempe encane, futhi wayengathatha leyompempe encane futhi ikhale njengencane nje, ingane yenyamazane idiye ikhalela unina.

Futhi nga—ngacabanga, "Awuzukukusebenzisa lokho, Bert!"

"O," Wathi, "hlakanipha, Billy."

112 Futhi sahamba sizingela ngalolosuku, umzingeli okahle kakhulu, ngangithanda ukulandela naye, futhi sasihlukana emahlathini, futhi wawungeke neze udingeke ukuba ucabange ngokumcinga, wayazi ukuthi wayekuphi. Futhi ngakho sazingela kwaze kwaba semini ndawonye, futhi khona-ke sasizohlukana, futhi sibuyele emuva sehle ezintabeni ezehlukene ukuba sibuyele ekamu lethu.

113 Futhi ku. . . Yena, ngaphambi nje kwehora leshumi nanye, wayehamba ngaphambili. Sasingakaze siwubone umzila nhlobo, futhi kwakukhona cishe iqhwa elingayi-intshi ayisithupha emhlabathini, isimo sezulu esihle sokulandelela umkhondo, kodwa inkathi yonyaka yezinyamazane idiye yayikade iphakathi isikhashana impela nokudubula okuningi kuqhubeka, izinyamazane amadiye zonke zazesaba. Sikubiza ngokuthi *zathuka*, zazesaba, zahlala emahlozini, nangaphansi kwezinqumbi zehlashana, futhi noma yikuphi lapho ezazingafika khona, ikakhulukazi lapho sekusile.

114 Ngakho, wathi ukuqhotha phansi esikhaleni esincane, futhi into yokuqala niyazi ngimbone efinyelela ebhantshini lakhe, futhi ngacabanga ukuthi wayezothola ilantshi yakhe, futhi siyoba nelantshi yethu ndawonye. Sasiphatha ushokoledi oshisayo na—namasemishi, lapho uma silahlekile. . . Kwase kuthi-ke wa—wa—wafinyelela phakathi lapho, wahosha lempempe encane endala, futhi wayikhalisa kancane. Futhi ngenkathi enza, ngaphesheya nje kwesikhala, cishe ebangeni lalendawo, umama wenyamazane idiye wasukuma. Manje, lowo ngumama wenyamazane idiye, inyamazane yensikazi idiye. O, yayiyisilwane esihle! Angisoze ngakhohlwa ukuthi yayibukeka kanjani. Yasukuma, lawo amakhulukazi, amadlebe amahle, emile, awayo amakhulu, amehlo ansundu, nemithambo, kwakubukeka sengathi, ebusweni bayo, wawungakubona nje.

115 Futhi waqalaza ngakimi ngalawomehlo abukeka njengawesibankwa, futhi wathi. . . Wathi ukudonsa—wazidonsela phansi. Ngacabanga, "Bert, ungeke ukwenze lokho." Futhi ngezwa i—isigwedlo sibuya, futhi wahosha ibhawodi, wayesephosa igobolondo phezulu kulesosibhamu esikhulu i .30-06. Ngacabanga, "Bert, impela ungeke!" Ngakho wanswininiza futhi kanjalo, nomama omdala idiye (Manje, lokho akwejwayelekile impela kuzo ukuba ziphakame kanjalo,

ikakhulukazi ngalesosikhathi sosuku ngenkathi yokuzingela.), waphuma waqonda ngqo esikhaleni.

116 Manje, noma yimuphi wenu bazalwane abazingelayo niyazi ukuthi ngeke zikwenze lokho. Futhi ngakho u... Kwakuyini, nokho na? Yayimelini lapho na? Futhi uBert wanyakaza, nenyamazane idiye yambona. Ngabe yabaleka na? Qhabo, yama lapho. Kwakuyini na? Yayingadlali, bandla. Yayingumama, kwakukhona okuthile kuyo okwakungokwangempela, kwakuwuthando lwangempela. Ingane yayikhala, futhi yayinento ethize kuyo eyabiza futhi yaphendula, yayingumama. Futhi imbonile umzingeli, yaqhaqhazela izikhathi ezimbalwa, futhi yaphinde yafuna leyongane.

117 Ngibone uBert ekala lesosibhamu, leyomigqa yesibuko esandisayo zifika ngqo enhliziyweni yayo. Ngacabanga... O, wayengumnembi! Ngacabanga, "O, he, komunye umzuzwana noma emibili uzoqhumisa inhliziyo yayo ethembekile ithi ngqu kuyo!" Ngacabanga, "Ungakwenza kanjani, Bert na? Ungaba kanjani nonya kangaka na? Lowomama phandle lapho, eveza obala uthando lukamama lwangempela. Ayisuye umzenzisi. Ngempela i... Kukhona ingane esenkathazweni, ukufa noma akukho-kufa, ingumama."

118 Ngacabanga, "ungakwenza kanjani na?" Leyonhlamvu enkulu ewuhlwayi oluyikhulu namashumi ayisishiyagalombili isondele kangako, yayizoyiqhumisa amafidi ayishumi nanhlanu, futhi isakaze inhliziyo yayo ithi ngqu kuyo. Ngacabanga, "Bert, ungakwenza kanjani lokho, wena ndoda enenhliziyo enonya, udubule leyonhliziyo kamama bandla iphume kuye ngqo ngenhliziyo enjalo na? Ithembeke kakhulu, ithembeke kakhulu!"

119 Ngafulathela, ngacabanga, "O Nkulunkulu, yiba nomusa kuleyondoda. Ingaba kanjani nonya kangako na?" Ngalinda, ngalinda, isibhamu asizange sidubule. Ngase ngiphenduka ukuba ngibuke, nesibhamu sasihamba *kanje*.

120 Waqalaza kimi, izinyembezi zehla ezihlathini zakhe, waphosa isibhamu phansi, wathi, "Billy, sengenele yikho! Ngitshele ngalowoJesu." Lapho kulologu lweqhwa, ngiholela leyondoda enenhliziyo enonya kuKristu. Ngani na? Hhayi ukushumayela kwami, qhabo, kodwa ngoba ibone into ethize yangempela, ibone into ethize eyayingafakelwe, ibone into ethize yangokoqobo.

121 Futhi ngiyanitshela kulobubusuku, bangane, izwe libheke into ethize yangokoqobo, hhayi isivumokholo esenziwe ngumuntu, kodwa uJesu Ophilayo, futhi uyabusa, futhi uletha uthando, nokuthula, nenjabulo, futhi ubhidliza imehluko, futhi wenza abesilisa bathande abesilisa, nabesifazane bathande abesifazane. Izwe lifuna ukubona into ethize yangempela.

122 Mfowethu, dadewethu, uNkulunkulu ukuphathele wena, kulapha khona manje. Vele uhlangabezane naleyonto

yangempela, nje ube ngumKristu kakhulu impela njengoba yayingumama. Angikhathali, bangakubiza ngomgingqiki ongcwele, bangakubiza ngohlanya, uyoma ebusweni besitha futhi umemezele ukuthi uyamthanda uNkulunkulu. Ukukholwa kwangempela, cabanga ngakho, yilokho esikudingayo kulobubusuku, bangane, kuyinto yangempela.

123 Asikhothamise amakhanda ethu umzuzwana nje manje. Futhi manje, angazi, sisalindile umzuzu, ubengaba khona yini umuntu esakhiweni lapha, kulobubusuku, oyophakamisa isandla sakho, uthi, "Nkulunkulu, ngiphe uhlobo loMoya wobuKristu ongenza ngethembeke kuKristu njengoba lowomama wenyamazane idiye wayenjalo ngengane yakhe. Nkosi, sengibe yilunga lebandla iminyaka, ngiye ngazisho ukuthi ngingumKristu, kodwa ngempela, anginayo leyonto *ethize* yangempela. Ngidinga ukukholwa kwangempela, ngidinga isehlakalo sokuzalwa ngokusha, Nkulunkulu. Ngidinga lezo zihlabathi ezingcwele, ezizongiguqula ekubeni ngumngabazi oyigwala, ngingene ekubeni iqhawe lokukholwa langempela elingathatha uNkulunkulu eZwini laKhe."

124 Ufuna ukukhunjulwa emkhulekweni, phakamisa isandla sakho, uzokwenza yini, kuso sonke isakhiwo. UNkulunkulu akubusise, lokho kuhle. Kude le kovulandi abasesitezi, uvulandi osesitezi wesibili phezulu lapho, phakamisani izandla zenu, ubuyothi, "Nkulunkulu, ngikhumbule." UNkulunkulu akubusise. Kuvulandi osesitezi wesithathu uthi, "Ngikhumbule." UNkulunkulu anibusise, ngamunye manje. Ulapha, Uzokwenza, Uyasibona isandla sakho. Yithi, "O Nkosi Nkulunkulu, yiba nomusa! Ngiphe uthando enhliziyweni yami, Nkosi. Bengilishisekela kakhulu ihlelo lami."

125 Ufanele, lokho kuhle, kodwa o, ungalokothi ubeke lokho ngaphambi kukaKristu. Yilapho ibandla lishelela khona kulobubusuku, liyahamba ngale ngezivumokholo, niyabo, ningakwenzi lokho. Buyela kuKristu. Cabanga ngakho manje. Uthi, "Nkulunkulu, dala kimi uthando. Ngiphe ukukholwa, ukukholwa okukhulu impela nje ukuKumela, nokwamukela ukuphulukiswa kwami kulobubusuku, futhi, njengoba lowomama wenyamazane idiye wayefanele ukuma lapho, engesabi, ngoba into ethize eyayikuye yayingeyangempela."

126 Nkosi Nkulunkulu, inkonzo ingeyaKho, Baba. Kube nezandla ezingamakhulu amabili noma amathathu eziphakamayo, bayakuthanda, futhi bafuna into ethize yangempela, bakhathele, ukuhambahamba nje, besuka nje ebandleni beya ebandleni, noma endaweni beya endaweni, noma behlala ezindleleni eziyimihume nabahlazisayo, naphandle ezindaweni zokugembula, noma mhlawumbe bezama ukucasha ekhoneni ukugcina umelusi, nomunye umuntu ekubaboneni benza izinto engalungile. O Nkulunkulu, kwangathi bangahamba kahle baphumele obala manje.

Baphakamise isandla sabo, bafuna into ethize yangempela. Banike into ethize yangempela, Nkosi. Banike uJesu, ukuze Abaphe uMoya oNgcwele, futhi abagcwalise ngokulunga kwaKhe namandla aKhe nothando lwaKhe, okuzobenza babe nokukholwa okungafi eWundlwini likaNkulunkulu. Siphe khona, Nkosi, bangabaKho.

127 Manje, Wathi, "Akekho ongeza kimi, uma uBaba waMi engamdonsi. Futhi bonke ozayo, Ngiyobapha ukuPhila okuPhakade futhi ngimvuse ngomuhla wokuphela." Khona-ke Ulapha, Nkosi, uyadonsa. Futhi Jesu, Washo lamaZwi: "Ozwa iZwi laMi, akholwe NgoNgithumileyo, unokuPhila okuPhakade; futhi akasayikuya ekwahlulelweni, kodwa wedlulile ekufeni wangena ekuPhileni."

128 Benzani ngenkathi bephakamisa izandla zabo, Nkosi na? Bashaya indiva imithetho yamandla adonsela phansi. Ngani, kukhona uMoya kubo obenza bazi ukuthi bebenephutha eMoyeni ngabo, uMoya oNgcwele, bethi, "Mntwana, ngeMukele," futhi baphakamisela izandla zabo kuMdali.

129 Impela, faka igama labo eNcwadini, Nkosi, manje bagcwalise ngoMoya oNgcwele. Banike isehlakalo khona manje, Nkosi, kulomhlangano kulobubusuku, ukuthi abasoze basikhohlwa, ukuthi bangahamba besuka lapha, bazi ukuthi uJesu uvukile kwabafileyo, futhi Uyaphila, futhi Uphila ezinhliziyweni zabo.

130 Nika laba belusi, Nkosi, okuphindwe kabili kokukholwa, bangabelusi bezimvu, Nkosi, yibo abahola umhlambi. O, shukumisa laba belusi kulobubusuku, Nkosi; shukumisa abelusi baKho, Uzoshukumisa idolobha lonke. Siphe khona, Nkosi. Yenza, Baba. Banike ukukholwa okuqinile kulobubusuku, Nkosi. Kwangathi amabandla abo nje angaba njengezigaxa zensimbi yokucangcathela, izinhlansi nje zensindiso zindiza yonke indawo, ishaya futhi ibumba impahla ukuba isetshenziswe yiNkosi. Siphe khona, Nkosi. Manje kwangathi uJesu angafika, Ezethula kulobubusuku, onguye izolo, namuhla, naphakade.

131 Kade sikhuluma nje, Baba, ukuthi kanjani ezinsukwini zasekuqaleni, Wazazisa kanjani Wena uqobo eBandleni laKho ngokukhuluma kuPetru, lowomdobi ongazi lutho, umtshela ukuthi wayengubani nokuthi lalingubani igama likayise. Khona-ke Wena, emva kokuba Usumtshele lokho, futhi waKukholwa, Umnika izihluthulelo zoMbuso, emva kokuba esekukholiwe, emva kokuba Umtshelile.

UNathanayeli wathi, "Kungani Waze wangazi, Rabi na?"

Wathi, "Awu, ngaphambi kokuba uFiliphu, akubize."

132 Futhi Wena wathi, "NginguMvini, nina ningamagatsha." Siyazi ukuthi umvini awutheli isithelo, kuphela unikeza ukuphila egatsheni, negatsha lithela isithelo.

133 Sitshelwa yiZwi laKho ukuthi Unguye izolo, namuhla, naphakade, uma Wazazisa Wena uqobo kumaJuda ngalolosuku ekuvaleni konyaka wawo, futhi Awuzange uzibonakalise Wena uqobo ngaleyondlela kwabeZizwe, khona-ke Nkulunkulu, lapho Wenza isinqumo, sizofanele sifane kuze kube phakade, ngokuba Ungeke waguquka, Awutholi ukuhlakanipha ngokwedlulele, UngoNgenasiphelo kwasekuqaleni. Manje-ke, Baba, sikhulekela ukuthi emva kokuba Wakwethembisa, ukuthi kulobubusuku Uzokubonakalisa. EGameni likaJesu. Amen.

134 Manje, ezethamelini, kulobubusuku, mfowethu, dadewethu, wena ophakamise isandla sakho, masinya emva kwenkonzo yokuphulukisa, ngifuna nenyukele lapha, ngifuna ukukhuleka nani kancanyana emva kwalokho; Ngijabula kakhulu ngani. Anizizwa nikahle na?

135 Bangaki olaziyo leloculo elidala elimnandi, "NgizoMdumisa, ngizoMdumisa, dumisani iWundlu ngokuhlatshelwa izoni." Anithandi ukuMkhonza manje, emva kokuba umlayezo usuphelile na? Mkhonzeni? Manje asicule lelo nje. Mfowethu Claire, woza lapha mhlawumbe, "NgizoMdumisa, dumisani iWundlu ngokuhlatshelwa izoni." Kulungile.

> . . . zoMdumisa,
> NgizoMdumisa,
> Dumisani iWundlu ngokuhlatshelwa izoni;
> Mnikeni udumo nonke nina bantu,
> Ngokuba iGazi laKhe lingageza lisuse . . .

136 Lokho akukwenzi nje uzizwe ukahle ngempela na? Awuzizwa nje ukolojiwe wonke, njengento ethize nje ekushayile na?

137 Asicule leliculo elimnandi elidala lebandla, "Ukukholwa kwami kubheka kuWe, Wena Wundlu laseKalvari, Msindisi oNgcwele." Mkhonzeni nje ngoMoya ngenkathi nicula. Manje, ngiyawathanda lawomaculo amadala amnandi. Kulungile.

> Ukukholwa kwami kubheka kuWe,
> Wena Wundlu laseKalvari,
> Msindisi oNgcwele;
> Manje ngizwe ngisakhuleka,
> Susa sonke isono sami,
> Futhi ungangivumeli ngike ngiduke
> Ngisuke eceleni kwaKho.

138 Asilihamishe. Kulungile. Ngifuna nonke nina enihlezi eceleni kwenu, ningashiyi izihlalo zenu phezulu kuvulandi osesitezi nakho konke, finyelela kumuntu ohlezi eceleni kwakho, eceleni kwakho, kwesokudla, kwesokunxele, ngaphambili, nangemuva, xhawulanani, nina maMethodisti namaBaptisti, asenze nje, sibe ngabangane bangempela manje. Phendukani ngqo bese nixhawulana manje.

> . . . Wena Mholi wami;

Yala ubumnyama buphenduke imini,
Sula izinyembezi zosizi,
Futhi ungangivumeli ngike ngiduke
Ngisuke eceleni kwaKho.

139 Ngiyalithanda. Malibongwe iGama leNkosi.

Ngiy'Mthanda,. . .

Phakamisani izandla zenu phezulu emoyeni.

. . . Ng'yaMthanda
Ngoba Wang'thanda kuqala
Wang'theng'linsindiso
E. . .

140 Akamangalisi na? AniMthandi nje na? Lokho akwenzi yini nje okuthile enhliziyweni yakho na? Kususa nje konke ukwesaba okudala, ukungabaza, futhi kukuthwale ngale oLwandle lokuKhohlwa, futhi wazi ukuthi lowoJesu othandekayo umi lapha, izingalo ezeluliwe, "Wozani kiMi nonke majukujuku ezwe futhi nibusiswe."

141 Ngibuka lezizethameli ezincane kulobubusuku njengoba ngicabanga, niyakwazi lokhu okuncane, indlela okuhlaliswe ngayo lapha kulobubusuku, yisiphambano. *Nanti* iphiko elilodwa, *nanto* elinye iphiko, *nanto* unyawo futhi *nanti* ikhanda, isiphambano impela nje. O, angiMthandi yini! AniMthandi na? SiMthanda kanjani! Manje, sithi. . .

142 Omunye angahle athi, "Mfowethu Branham, lokho amadlingozi nje."

143 Qhabo, Akusiwo, NguMoya, NguMoya oNgcwele wangempela. Ayikho enye inkolo emhlabeni, zonke izinkolo ezinkulu. . . UbuKristu bungobesithathu noma obesine ezansi emgqeni, inkolo kaMohamede inezibalo kakhulu kunobuKristu, UBuda useqhubekele kude ebuKristwini. UbuKristu busemuva le, ngoba ngani na? Sehlulekile ukwenza lokho uJesu athi asikwenze, niyabo. Yiyo kuphela inkolo eqinisile, yiyona kuphela.

144 Bonke abaqambi babo, uMohamede, usefile, ungavakashela ithuna lakhe, kukhona ihhashi elimhlophe limi ethuneni lakhe, bashintsha abaqaphi njalo emahoreni amane, ubelapho iminyaka eyizinkulungwane ezimbili, usethuneni, UBuda, wafa cishe eminyakeni engamakhulu angamashumi amabili nantathu eyedlula, wangcwatshwa eJapani, kodwa bhekani, uJesu wavuka. . .?. . .

145 Wena uthi, "Ngabe Wakwenza na?"

Yebo.

"Ungakufakazisa kanjani na?"

146 Lindani nje imizuzu embalwa futhi nibone. Uma Engasenzi isithembiso saKhe sibe ngesilungile, khona-ke

A—Akavukanga kwabafileyo; kodwa uma Enza isithembiso saKhe sibe ngesilungile, khona-ke siqinisekile ukuthi Ulapha. Ngokukholwa sikukholiwe iminyaka eyizinkulungwane ezimbili. Sisekupheleni manje, ukuphela kwesimiselo sesikhathi sabeZizwe, Ulapha ukukubeka uphawu manje. O, ngiMthanda kanjani! NgiMthanda kanjani!

147 UNkulunkulu uluthando, futhi ungeke nje wenza lutho ngaphandle kothando lapho uNkulunkulu engena kuwe, wuthando, uthando lobuzalwane komunye nomunye.

148 Manje, e...emhlabeni, ngenkathi uJesu wayelapha... Manje, uNkulunkulu unguMninimandla onke, futhi Akatholi ukuhlakanipha ngokwedlulele, Uyafana ngaso sonke isikhathi. Uyakukholwa lokho na? Isintu siya ngokuhlakanipha, iBhayibheli lathi bayoba njalo, bayoba buthakathaka futhi bahlakaniphe ngokwedlulele. Kodwa uNkulunkulu a—akanasiphelo. Niyakukholwa lokho na?

149 Sinesiphelo. Sithola, unyaka ngamunye, awu, isayense yethu iyaqhubeka, futhi sakha imoto engcono, nemfundo yethu ingcono, kodwa uNkulunkulu akatholi noma yibuphi ubuhlakani obudlulele, Uphelele kwasekuqaleni.

150 Ngakho-ke, lapho uNkulunkulu, isimo esithize siyavuka, noNkulunkulu ubizelwa enkundleni ukuba enze, indlela uNkulunkulu enza ngayo ngaleyonkathi, Ufanele enze ngayo yonke inkathi; lapho izimo ezifanayo zivuka futhi, Uzofanele enze ngendlela efanayo Enza ngayo okokuqala, noma Wenza ngokungesikho ngendlela Enza ngayo okokuqala. Ngamany'amazwi, uma kwakukhona isoni esibiza umusa, futhi uNkulunkulu wasindisa lesosoni, isoni esilandelayo siyabiza, uNkulunkulu uzofanele enze ngendlela efanayo.

151 Uma uNkulunkulu...Uma i—indoda ifa, nodokotela bengakwazi ukuyisiza, futhi ibiza uNkulunkulu futhi iMbizele enkundleni, noNkulunkulu uyamphulukisa lowomuntu, Uzofanele enze ngendlela efanayo futhi, niyabo, ngokuba Akazange, Wenza okungalungile ngenkathi Enza okokuqala.

152 Manje, ngenkathi...UJesu wayenguNkulunkulu enyameni, siyakukholwa lokho, ukubonakaliswa, Wayelapha ukuZibonakalisa enyameni. UJesu wayengumzimba, iNdodana kaNkulunkulu, uNkulunkulu wayehlala kuKristu. Manje, uJesu washo qobo lwaKhe, "INdodana ingenze lutho ngokwaYo," uJohane oNgcwele 5:19, "kodwa lokho Ebona uYise ekwenza, neNdodana iyakwenza kanjalo." Senake nakufunda lokho na? Khona-ke Akenzanga lutho, uBaba uNkulunkulu waze waMkhombisa umbono wokuthi akenzeni.

153 Manje, niyabo, iBhayibheli alinakuphosisa, Li...UJesu wathi, "ImiBhalo ingephulwe." UJesu washo lokho. Manje, bese kuthi-ke uma—uma...uJesu wathi, "Ngingenze lutho aze uBaba aNgikhombise kuqala ukuthi ngenzeni. UBaba uyasebenza,

Mina ngiyasebenza kuze kube manje." Ngamany'amazwi, Wadlala umdlalo wasesiteji lokho uBaba aMkhombisa ukuba akwenze. Bhekisisani udaba ngalunye, njalo lapho niluthola ngendlela efanayo, ngaphandle uma belungukukholwa kwabantu.

154 Manje, manje siyaqaphela lokhu, khona-ke futhi, sithola ukuthi Wathi, "Njengalokhu uBaba eNgithumile, nami Ngiyanithuma." Manje, uBaba owaMthuma wayenaYe futhi ekuYe, uBaba owaMthuma, wahamba naYe futhi ekuYe, awu, uJesu osithumayo, uhamba nathi futhi ukithi. Niyabo? Ngakho uJesu uyasikhombisa ukuthi asenzeni.

155 Manje, ngenkathi Ezimemezela Yena uqobo kumaJuda, thatha uJohane oNgcwele isahluko 1, kwakuyini into yokuqala ayenza na? Wazimemezela Yena uqobo ngokutshela uPetru ukuthi wayengubani nokuthi igama likayise lalingubani.

156 Okulandelayo Wa—Wazimemezela Yena uqobo kwelinye iJuda, ngosuku olulandelayo nje, futhi nakhu kukhuphuka uNathanayeli, Wathi, "UmIsrayeli, akukho-nkohliso."

Wathi, "Ungaze nini, Rabi na?"

Wathi, "Ungakabizwa nguFiliphu, uphansi komuthi, Ngakubona."

Wathi, "Wena uyiNdodana kaNkulunkulu."

157 Kodwa kwakukhona labo abama eduze, bathi, "Ungumbhuli. UnguBelzabule. Ungumuntu omubi."

158 Futhi wathini uJesu na? "Ngizonithethelela ngalokho, kodwa," ngenye indlela kanje: "ngolunye usuku uMoya oNgcwele uyeza, lapho Ufika futhi wenza into efanayo, izwi elilodwa elimelene naWo alisoze lathethelelwa kulelizwe, noma izwe elizayo."

159 Manje, qaphelani, kunezizukulwane ezintathu kuphela zabantu, lowo ngabantu bakaHamu, uShemu, noJafete, uma silikholwa iBhayibheli, izwe labhujiswa ngozamcolo wasemandulo. Futhi lowo kwakunguHamu, uShemu, noJafete. Manje, lelo kwakuyiJuda, oweZizwe, nomSamariya: umJuda uhhafu noweZizwe.

160 Manje, ngenkathi Esemhlabeni, amaJuda ayeMkholiwe ayekade eMfuna iminyaka, ngenkathi Efika, amehlo abo ayephuphuthekile. Kodwa niyabo, yileyondlela Azibonakalisa ngayo Yena uqobo kumaJuda. IJuda leqiniso lathi, "Leso yisibonakaliso sobuMesiya."

161 Ngenkathi Edlula kowesifazane emthonjeni, owayengumSamariya, Wenzani na? Isibonakaliso esifanayo Asikhombisa ku—kumJuda: "Hamba, ulande indoda yakho, uze lapha."

162 Wathi, "Manje, siqeqeshiwe, siyazi ukuthi nxa uMesiya efika. . . " Niyazi ukuthini? Lowo wesifazane wayazi kakhulu ngoNkulunkulu kunohhafu wenkonzo yase-United States yazi, nokho wayengunondindwa. Wathi, "Siyazi lapho uMesiya efika, Uzositshela lezizinto. Kodwa UnguBani wena na?"

Wathi, "NginguYe okhuluma kuwe."

Wagijimela emzini, wathi, "Wozani, nibone uMuntu Ongitshele izinto engizenzile. Akuyena yini uMesiya Lona na?"

163 Manje khumbulani, Akazange akwenze lokho koweZizwe, Wenqabela abafundi baKhe ukuba baye koweZizwe, ngoba sasingabahedeni ngalezozinsuku, sasingakaqeqeshwa.

164 Manje, sibe neminyaka eyizinkulungwane ezimbili yokuqeqeshwa, futhi sisekupheleni komgwaqo, njengoba babenjalo nje. Niyamkhumbula owesifazane waseSamariya, "Ubaba wethu uJakobe"? Niyabo? Babewuhlobo nje, olubhasteliwe uhhafu phakathi kokubili.

165 Manje qaphelani, manje lokhu ngukuphela konyaka wabeZizwe. Manje lalelisisani ngempela ngaphambi kokuba sivale. Umprofethi wathi kuyofika usuku olungayikubizwa ngemini noma ubusuku. Kuyoba yini lokho na? Uhlobo oluhwaqabele, olunenkungu, usuku olumnyama. Ngabe kunjalo na? Futhi Wathi, "Ngesikhathi sokuhlwa, kuyakuba ngukuKhanya." Manje, kwenzekani na? Impucuko yaqala eMpumalanga futhi yaya ngasentshonalanga, iyo yonke indlela kuya oGwini lwaseNtshonalanga, iMpumalanga neNtshonalanga kuhlangane ndawonye manje. Nhloboni yokuKhanya eyakhanya na? UkuKhanya kweVangeli. Lalikhanya kanjani kubantu baseMpumalanga na? UJesu, enza lezizinto kubantu baseMpumalanga.

166 Singabantu baseNtshonalanga. Manje, usuku seluhambe lwadabula onyakeni wabeZizwe lapho esasingabona khona ukuKhanya okwenele ukuhamba futhi sikholwe nguJesu, no—nokwenza izinto e—esicabanga ukuthi zilungile, futhi sakhe amabandla ethu, futhi sibe namahlelo, imfundo, kanjalonjalo, lokho kulungile, kodwa kusihlwa, kuyakuba ngukuKhanya, inkungu isisukile. NoMoya oNgcwele ofanayo owehla ngoSuku lwePhentekoste, obugcinwe phansi onyakeni wamaLuthela, onyakeni kaWesley, nakweminye iminyaka, manje uqala ukukhanya phezu kwalababantu beZizwe ngezinsuku zokugcina noJesu, OngukuKhanya, esebenza eBandleni laKhe njengomVini phakathi kwamagatsha, eveza futhi enza zona impela izinto ezifanayo Azenza ngenkathi Elapha.

167 Si. . .Leso kwakuyisibonakaliso sokugcina sokuphela kweJuda. Ngikholwa ukuthi sineziputniki ezibhakabhakeni, umbhalo wesandla odongeni, izinhliziyo zamadoda zehlulwa ukwesaba, ukudideka kwezikhathi, usizi phakathi kwezizwe.

Isiphuzo esisodwa esengeziwe sikagologo, futhi sonke besingaya emlotheni ngaphambi kokusa, niyakwazi lokho. Akukho-nto yokubavimbela ekukwenzeni. INew York . . . Kuthatha eyodwa nje. Banebhomu eliyoqhumisa amafidi ayikhulu namashumi ayisikhombisa nanhlanu ukujula, isikwele esingamamayela ayikhulu nento. Uzocasha kuphi na? Ubungeke umbe ujule ngokwenele, ukungqubuzana bekungakuthola amakhulu ngamakhulu amafidi ngaphansi komhlaba. Kodwa kukhona indawo yokucasha, yenziwe ngezimpaphe: sihlala ngaphansi kwamaphiko aKhe.

168 Futhi khumbulani, uma isikhathi sokuphela besingafika ngaphambi kokusa, futhi noma ubani uyazi ukuthi iBandla lihamba ngaphambi kokuba lokho kwenzeke, Uza ngokusondela kangakanani na? Niyabo? Ngaphambi . . . UJesu wathi, "Njengoba kwenzeka emihleni kaNowa, nanjengasemihleni kaLoti, kuyakuba njalo ekuFikeni kweNdodana yoMuntu."

169 Akwehlanga nelilodwa iconsi lemvula, uNowa waze wangena emkhunjini. Yathini iNgelosi kuLoti na? "Shesha, woza lapha, ngokuba ngingenze lutho uze ufike lapha." Akukho Mlilo owawungehlela phezu kweSodoma, uLoti waze waphuma. Futhi akukho mabhomu angagadla, uJesu aze athathe iBandla laKhe, Selihambile. Kungahle kube noma ngamuphi umzuzu.

170 Bukani, into eyodwa nje futhi, ngiyaxolisa ngokunihlalisa isikhathi eside kangaka, ngifuna niqaphele: U-Abrahama nje, owayengoKhethiweyo . . . Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uneBandla elikhethiwe, bese-ke kuba yibandla lemvelo na? Ngizama ukulibiza manje, iBandla elikhethiwe selivele likhona.

171 U-Abrahama wayengu, wayemele iBandla elikhethiwe, liphila ngokuhlupheka, phandle ogwadule, kanjalonjalo. Kodwa qaphelani, ngaphambi nje kokubhujiswa kweSodoma, kwakukhona iNgelosi eyafika kuye. Ngabe kunjalo na? NeNgelosi yayikhuluma no-Abrahama, yayifulathele ithende ngomhlane waYo, noSara wayengaphakathi ethendeni, neNgelosi yatshela u-Abrahama, "Ngizokuvakashela ngokwesikhathi sokuphila." NoSara, enhliziyweni yakhe, wahleka ngaphakathi ethendeni. INgelosi, ifulathele ithende ngomhlane waYo, yathi, "Uhlekeleni uSara na?" Kwakuhlobo luni lokufunda ingqondo lolo na? Khumbulani ukuthi iNgelosi yaba noMlayezo wokugcina, hhayi ngaphambi kokuba amanzi ehle, kodwa ngaphambi kokuba uMlilo wehle. Futhi Yayingubani leyoNgelosi na? UKristu. U-Abrahama waYibiza ngo-Elohim, uJehova, uSomandla, iZwi-mcabango. Impela, YayinguNkulunkulu.

172 Futhi nakhu, ngaphambi nje kokubhujiswa koMlilo futhi, leyoNgelosi efanayo iphakathi kwabantu baYo namhlanje, inibiza nina malungu ebandla, "Phumani! Phumani kubo!" Kunjalo. "Sukani kulo masinyane. Lizocwila, impela nje . . . "

173 Ngenkathi ngingena eNdiya, lapha esikhathini esingeside esedlule, bathi. . . babene. . . bathi, "Ukuzamazama komhlaba kufanele ukuthi sekuphelile, izinyoni ziyandiza zibuyela emuva." Usuku ngaphambi kokufika kokuzamazama komhlaba, babengazi lutho ngakho. . .

174 Kodwa iNdiya ayinazo izintango njengoba sinazo, banothango lwamadwala, nemibhoshongo emikhulukazi, kanjalonjalo, bahlala ezindlini zamadwala, bampofu. Nezinyoni zakha izidleke zazo phakathi lapho, izinkomo zima ngakuzo zibe ngumthunzi, kodwa usuku ngaphambi kokuba lokho kuzamazama komhlaba kufike, wawungeke uthole inkomazi noma imvu eduze kwalolothango, zonke zama zaphumela ngqo phakathi nensimu. Futhi zonke izinyoni zashiya izidleke zazo, futhi zaphumela ehlathini, futhi zangena ezihlahleni. Ngani na? UNkulunkulu, uNkulunkulu ofanayo owazithatha waziyisa emkhunjini, wayengazisusa kulezozindonga. Wakhipha izilwane zaKhe endle, kwase kuthi-ke ngenkathi ukuzamazama komhlaba nalezozindonga ziwa, izilwane zaziqhelile kukho.

175 O, mfowethu, uma uNkulunkulu engaxwayisa izinyoni nezilwane ukuba zisuke engozini: "Ndizani nisuke kulezizindonga ezindala zaseBabiloni, ziyaphahlazeka, ziyehla!" UMoya oNgcwele uyaxwayisa: "Phumani phakathi komusa kaNkulunkulu futhi niphakamisele izandla zenu kuKristu."

176 "Ngilapha, Nkosi." Kwenze manje, kholwa. Futhi ngiyakholwa kulobubusuku ukuthi Uzosinika umhlangano omkhulu.

Manje asikhuleke futhi.

177 Baba, o, ngijabule kakhulu kulobubusuku, futhi ngixhuxhuma, futhi ngishisekele ukuKubona ushukumisa lezizifundazwe zaseNew England ngaphambi kokuba Uguqule inkonzo yami. O Nkosi, ngijabula kakhulu ukuthi amakhulu aKwamukele. Futhi ngiyakhuleka manje, ukuthi Uzopha kulobubusuku. . . Ngenkathi Uthola labobafundi bevela e-Emawuse ngaphakathi egumbini, futhi wavala umnyango, Wenza into ethize ngendlela Owayenza ngayo ngaphambi kokuba Ubethelwe, bazi ukuthi kwakunguWe. Futhi bagijima babuyela emuva, bethi, "Izinhliziyo zethu bezivutha phakathi kwethu."

178 Nkulunkulu, siphe kulobubusuku ukuthi Uzoza futhi wenze izinto ezifanayo Owazenza ngenkathi Ulapha emhlabeni, Wathi Uyokwenza, Wakwethembisa. Bese kuthi-ke, lapho siya ekhaya kulobubusuku, sizothi, "Izinhliziyo zethu bezingavuthi yini phakathi kwethu na? Qiniso, Uvukile kwabafileyo, Usaphila, iminyaka eyizinkulungwane ezimbili ayiMgugisi nakancane, Uphila kuze kube phakade. Futhi ngoba Uyaphila, singaphila, futhi."

179 Siphe khona, Baba. Sithobisa izinhliziyo zethu futhi sinikela imimoya yethu kuWe, lelibandla, imimoya yabo, Nkosi, ukuze bakwazi ukuthinta umphetho wengubo yaKho, umPristi oMkhulu kaKhulu.

180 Nkosi Nkulunkulu, ngizinikela kuWe, ngaphansi kwesiphiwo sobuNkulunkulu, ukuthi Uzosebenzisa amehlo ami nezindebe ukubona nokukhuluma lokho okuyofaneleka eMbusweni waKho. Futhi, ngenxa yenkazimulo kaNkulunkulu, siyakucela. Amen.

181 (Amakhadi ayikhulu, u-H?) Kulungile. Asikwazi ukubathola bonke phezulu lapha ngesikhathi esisodwa, futhi sizobona ukuthi singathola abambalwa phezulu lapha. Cishe bangaki ebesingabamisa lapha na? Ake sibone, u-*H* ushilo na? Ubani ono-H, wokuqala, ikhadi lomkhuleko na? [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] Kulungile. Ubamise umugqa bonke. Okeyi. Kulungile.

182 Manje, nantu udaba, mngani. . . Manje, uma nithanda, yilowo nalowo akahlale phansi nje, futhi nje nihloniphe ngokuzithoba. Manje, akunandaba ukuthi ukuphi. . . Lomzuzu omkhulu wokuvala! Manje, lokhu, konke lokhu ukujabula esikwenzile, yonke lenjabulo esinayo enhliziyweni yethu, konke lokhu ukukholwa esithi siyaMkholwa futhi siyaMthanda, kusizani uma EnguNkulunkulu womlando, futhi engesuye uNkulunkulu ofanayo namhlanje na?

183 Sake saba noGeorge Washington ngesinye isikhathi, u-Abraham Lincoln, kodwa lowo ngumlando, sebehambile, ngeke beza eWhite House futhi basebenze namhlanje, kodwa akunjalo ngoJesu, Uyaphila.

184 Manje, ngabe Uyaphila na? Awu, uma Ephila, ngifuna ukunibuza: Ukuphulukiswa kwakho sekuvele kuthengiwe (Uyakwazi lokho na?), insindiso yakho, ufanele nje uyemukele.

185 Manje, Wenzani na? Azenze abe ngokhona ukuqinisa iZwi laKhe, khona-ke ukukholwa kwakho kuYe, wemukela nje ukuphulukiswa kwakho njengoba wenza insindiso yakho, njengalabobantu esikhashaneni esedlule baphakamise izandla zabo, bakwemukele.

186 Manje, niyasiqonda isikhundla sami na? Lokhu kunjalo eminyakeni eyishumi emhlabeni jikelele, ngezinyanga bathakathi. Ngike ngaba nezinyanga bathakathi ukuba zihlele futhi zedlule emilingweni futhi zithi beziyoba nesiphepho ukuba singiphephule, futhi isiphepho siyafika futhi nje sizungeza, sizungeza. Ngaqhubeka nje nokushumayela, cishe abantu abayizinkulungwane ezingamashumi amahlanu. Futhi ngi. . . Futhi cishe kwakuyizinyanga-bathakathi eziyishumi nanhlanu ohlangothini ngalunye zedlula kuzo zonke izinhlobo zemilingo, zizophisa, futhi zizibheca ngegazi, nakho konke, zibiza imimoya emibi, futhi ngokweqiniso, nakhu kufika amafu.

187 Futhi kwenyuka, futhi ngaqhubeka nje ngishumayela. Ngase-ke ngicabanga ukuthi indawo encane yayizophephuka, ngama, ngabeka iBhayibheli lami phansi, ngathi, "Nkosi Nkulunkulu, Wenza amazulu nomhlaba!" Nalawomafu abuyela emuva ngqo nelanga liqala ukukhanya, nezinkulungwane ezingamashumi amathathu zeza, noma, izinkulungwane ezingamashumi amabili ngaleyontambama, zaphuthuma e-altare, zamakhomanisi, futhi zemukela uKristu njengoMsindisi womuntu siqu.

188 U—Ube muhle kakhulu kimi. Manje, impela Angeke Angenzele phansi, kulobubusuku. Khuleka. Kodwa niyabona ukuthi ngenzani na? Manje, iZwi elikumemezelayo, kuyiQiniso, khona-ke imisebenzi ingafunyanwa ingamanga, noma mina ngikhuluma into engenjalo, kodwa ngisho noma ingeke isebenze, iZwi lisalokhu liqinisile, empeleni. Ngingaba nephutha, he, bengingaxoveka ngakho konke, noNkulunkulu ubengeke ngisho akhulume ngami, kodwa Ukwenzile, futhi ngiyaMethemba, ukuthi Uzokwenza futhi, ngokuba kungomusa waKhe Uyakwenza.

189 Manje hloniphani ngokuzithoba ngempela. Futhi uma Ezofika futhi enze ngokufanayo nje njengoba Enza ngenkathi Elapha emhlabeni, bangaki kini abazothi, "Kuzongenza ngiMkholwe futhi ngiMthande. Futhi uma ngingangeni ngisho emgqeni womkhuleko, ngizophulukiswa, noma kanjani"? Phakamisa isandla sakho nje, uthi, "Ngizoba . . ."

190 Manje, ngokwazi kwami, umuntu kuphela engimaziyo esakhiweni, phandle phambi kwami lapha, nguMfowethu Stadsklev ohlezi lapha. Futhi ngingahle ngimazi omunye walabo befundisi, lo osemva kwakhe ngqo, ngicabanga ukuthi ngiyamazi, noMfowethu Boze, ehlezi lapho. Nonke nina niyizihambi.

191 Manje nasi isithombe esihle seBhayibheli: Owesifazane nowesilisa bebonana okokuqala. Lesi yisikhathi sethu sokuqala ukuhlangana. Uma kunjalo, ukuze nje abantu bazi, phakamisa isandla sakho nje ukuze . . . Angikaze ngimbone. Ungowesifazane nje, uphuma ezethamelini. Awu manje, uma edinga ukuphulukiswa, uma-ke nje ngibeka isandla sami phezu kwakhe, ngithi, "Nenekazi, udinga ukuphulukiswa, uzosinda"?

192 Lokho bekuyolunga, ubengakukholwa lokho, futhi bekuyolunga, kodwa manje-ke, ubengaba nokungabaza okuncane, nawe ubungaba nakho, nawe. Kodwa uma iNkosi uJesu izofika futhi yenze njengoba Yenza kowesifazane emthonjeni, imtshela ukuthi ikuphi inkathazo yakhe, noma into ethize esempilweni yakhe aziyo ukuthi angazi lutho ngayo, khona-ke lokho kukhombisa ukuthi bekuyofanele kube yisimangaliso esiphelele. Lokho kuyisimangaliso kakhulu

kunokuba nomuntu ofe uhlangothi ehlezi lapha ukuba asukume. Impela, kunjalo, kokungaphezu kwemvelo.

193 Manje, uma iNkosi uJesu . . . Uyazi mina angikwazi, futhi lesi yisithombe nje njengoba sasinjalo ngowesifazane emthonjeni: owesilisa nowesifazane. Futhi uma Ezongitshela . . . Ungahle ube ngumKristu, ungahle ube ngumphikinkolo, ungahle ube ngumgxeki, ungahle ugule, a—angazi, anginamqondo, kodwa Yena uyazi. Futhi uma Ezokwembula manje kimi, khona-ke uzokwazi ukuthi kuzofanele kufike ngamandla angaphezu kwemvelo ndawondawo. Ubungakholwa ukuthi bekunguNkulunkulu na? Kwangathi Angasipha khona.

194 Ngikhuluma nani nje, njengoba iNkosi yethu yenza kowesifazane. Niyabo? Ngiyasho manje ukuthi ungumKristu, ngoba uyazi ukuthi kukhona okwenzekayo, kuqale manje nje. Uma lokho kunjalo, phakamisa isandla sakho. Niyabo? Phakathi kwami nawe, kuza ngakuwe ngqo, yilokho kuKhanya okubona kulesosithombe, ngicabanga ukuthi banaso lapha, kuhamba phezu kwenenekazi. Owesifazane uyazi ukuthi kukhona okwenzekayo, othobekile, umuzwa omnandi.

195 Manje, ngiyambona eqhela kimi, futhi yena ngempela, unokwethuka okwedlulele. Kunjalo. Yilokho okungalungile ngawe, ukwethuka. Ngiyakubona uhamba uya phambili nasemuva kwiphansi. Manje, kunjalo akunjalo yini. Uma lokho kunjalo, vayizelisa isandla sakho *kanje*. Uyakholwa manje na?

196 Wena uthi, "Mfowethu Branham, ubungakuqagela lokho."

197 Kulungile. Ake sibone ukuthi yini enye iNkosi ebiyokusho. Noma ngabe Izokwenza noma qha, angazi, Ingahle. Yebo, uma izethameli zisengalizwa iphimbo lami, inenekazi, ngiyabona, ukwethuka kwalo, lonke li . . . O, kubangelwa ngukuthi, lawa futhi lalimala iqolo lalo, yilokho okwakubangela.

198 Enye into, ubukhathalele umuntu omkhulekelayo, noma okuthize, yinsizwa. Naleyonsizwa ikhathazwa yinkathazo yokomoya, inokwethuka kakhulu futhi iyesaba, ivele yaqhaqhazela ngokwengqondo, yingcindezi yamademoni. Lapho uya kuyo, itshele ukuba ingakhathazeki, ngoba izodlula kukho. Futhi usukwedlulile okwakho manje, ukukholwa kwakho kukusindisile. UNkulunkulu akubusise.

199 UyaMkholwa ukuthi unguKristu na? Manje, niyazi ukuthi kuzofanele kube nohlobo oluthile lwesiDalwa esingaphezu kwemvelo lapha. Manje, uma nikholwa ukuthi nguKristu . . . Manje hloniphani ngokuzithoba ngempela.

200 Ngiyethemba, dadewethu, siyizihambi omunye komunye. [Udade ukhuluma noMfowethu Branham—Umhl.] Uyakholwa ukuthi i . . . ? Okokuqala ukuba uze ube semhlanganweni. Kulungile. Manje, uma iNkosi uNkulunkulu, izongazisa ukuthi ufunani kuYo, ubuyokholwa ukuthi Ibiyoba nentshisekelo ngokwenele, khona-ke, ukukuvumela . . . Izama ukukwazisa

ukuthi Iyakuthanda na? Kulungile. Kwangathi . . . Manje hlonipha ngokuzithoba ngempela. Manje, ngabe uzo . . .? Yi . . . Unento ethize engalungile esandleni sakho neqolo lakho, kwabangelwa ngumnyango webhasi uvalekela kuwe. Usuphulukisiwe, sukuma ume ngezinyawo zakho, inkathazo yakho yeqolo ayisekho. Amen. Hloniphani ngokuzithoba, niyabo.

201 Kulungile. Uthinteni na? Angimazi owesifazane, angikaze ngimbone empilweni yami, uyakwazi lokho. Kodwa usuphulukisiwe manje, usukahle. UNkulunkulu akubusise. Niyabo? Uthinte umPristi oMkhulu. Manje, nina eniphandle lapho, qalani ukwenza into efanayo. Mkholweni nje manje, yibani nokukholwa, ningangabazi.

202 Inenekazi, unezifo ezelakanyanayo, unezinto eziningi ezingalungile kuwe. Into eyodwa, uhlushwa ubuthakathaka, unobuthakathaka, futhi unamalumbo obuthakathaka ngempela, bese kuthi-ke lokho kade kuqhubeka isikhathi esithize, iminyaka eminingana. Selokhu waqala ukungena esikhathini sokuya esikhathini sokuphila, uqala ukwethuka ngokwedlulele, ngaphambi kokuba izinwele zakho ziqale ukuphenduka. Futhi into enkulu oyikhathalele nokho, ngomunye umuntu, lowo ngumyeni wakho, usesibhedlela, ekhubazekile, futhi umphathele iduku lapho. Lilethe lapha.

203 Nkosi Nkulunkulu, ngikhulekela ukuthi Uzosusa lesosiqalekiso futhi usindise indoda, ngeGama likaJesu Kristu.

204 Ungangabazi, hamba ngendlela yakho futhi uthokoze, kholwa ngayo yonke inhliziyo yakho.

205 Hlonipha ngokuzithoba ngempela. Qhubeka ukholwa, ungangabazi, yiba nokukholwa.

206 Uma izethameli zingalizwa iphimbo lami, lona wesifazane akasikhulumi isiNgisi, kancanyana nje, akakwazi nje ukukhuluma isiNgisi impela. Futhi awukho lapha ngesingawe, ulapha ngomunye umuntu. Futhi ngibona inqwaba yamanzi, nelikhulu, ithunzi elimnyama, izwe, ukhulekela umuntu ongaphesheya kolwandle, nalowo ngudadewenu, futhi useRashiya. Futhi unomdlavuza esiswini, usemva kwekhethini lensimbi, futhi akasindisiwe, futhi, ISHO KANJE INKOSI. Thumela leliduku kuye, futhi iNkosi uNkulunkulu izokunika isicelo sakho. "Uma ukholwa, konke kungenzeka." Uyakholwa ngenhliziyo yakho yonke na? Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzokupha isicelo sakho esibaluliwe. "Uma u . . ."

207 Umzuzwana nje, kukhona okwenzekile ezethamelini khona manje. Awu, yinenekazi lapha liphakamise isandla salo, khona lapha. Liphethwe amankanka, amankanka ekhanda. Usuphulukisiwe manje, uJesu Kristu uyakusindisa.

208 Yiba nokukholwa kuNkulunkulu. Angikwazi, ngiyakwazi yini, nenekazi na? Angikaze ngilibone empilweni yami, kodwa

uNkulunkulu uyalazi. Yiba nokukholwa nje kuNkulunkulu. "Uma ukholwa!"

209 Uyangikholwa ukuthi ngiyinceku yaKhe na? EBukhoneni bukaKristu. Uphethwe yinkathazo yokuguliswa yimizwa, ukwethuka ngempela ngokwedlulele, futhi unokungalungile ngesibindi okwenza amabala phambi kwamehlo akho, nenkwethu olimini lwakho, amalumbo okuphalaza ayenzeka kuwe. Ngiyakubona ugula kakhulu ngezinye izikhathi. Kunjalo. Bese kuthi-ke, futhi, unethumba, lelothumba lisebeleni lakho. Uyakholwa ukuthi uzophulukiswa na? Hamba-ke, uNkulunkulu uyakusindisa.

210 Nenekazi, khona emuva lapho, ungabe usayiluma iminwe yakho. Uphethwe yinkathazo yokugula kwemizwa ekwenze waba nenkathazo yesisu. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzokusindisa na? Uyakwemukela ukuphulukiswa kwakho na? Uyakwemukela na? Phakamisa isandla sakho uma ukwemukela. Kulungile, sekuphelile manje. UNkulunkulu akubusise. Yiba nokukholwa.

211 Sawubona, mfo osemncane. Ungumfana okahle kakhulu. Uyangikholwa ukuthi ngiyinceku yaKhe na? Angikwazi, nenekazi. Nasi isithombe esihle sokufana nomthombo, owesifazane ongumSamariya neNdoda eyiJuda, futhi nangu owesifazane oyikhaladi, umlungu. Kodwa uNkulunkulu wabazisa ukuthi akukho mehluko kubantu, sonke sivela ku-Adamu. Izwe esakhulela kulo lashintsha umbala wethu, akuhlangene ngalutho nomoya wethu nomphefumulo, sonke siyizidalwa zikaNkulunkulu. Uyakholwa ukuthi Usaphila na?

212 Isizathu sokuba ngikhulume nalowo wesifazane lapho enaleyonkathazo yesisu, into efanayo onayo, unenkathazo yesisu, futhi, kunjalo. Niyabo, uSathane wayazi ukuthi wayezohlulwa lapha, futhi wacabanga ukuthi wayenga—wayengadlula lapho, kodwa wehluleka. Ukukwazisa ukuthi u—ukuthi usuvele uphulukisiwe: Uyangikholwa ukuthi ngingumprofethi waKhe na? Uyakholwa. Awusuye owakulelidolobha. Uyakholwa ukuthi . . . Uhlushwa ukwehluleka futhi, ukuquleka kwemizwa. Kunjalo. Ufuna ukubuyela eBoston futhi uphiliswe na? Uyayithanda iNkosi na? Igama lakho unguSarah, uSarah Sell. Buyela eBoston, uJesu Kristu ukusindisile. Hamba, neNkosi izokuphulukisa.

"Uma ukholwa!" [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

213 Angikwazi, nenekazi. UNkulunkulu usazi sobabili. Uyakholwa ukuthi Uzokuphulukisa na? Uyakholwa ukuthi Ubengangazisa ngawe na?

214 Hloniphani ngokuzithoba ngempela. Kunabaningi kakhulu benu abaphulukiswayo phandle lapho, angikwazi ukusho ukuthi yikuphi okuyikho, kuya ndawo zonke nje, nje kudonsa kanzima nje. Niyabo, lelinenekazi eliyikhaladi limi lapha lenza abantu

abangamakhaladi babe nokukholwa, lapho bebona lelo elinye inenekazi liphulukisiwe.

215 Uhlezi emuva ngqo phandle lapha kuloluhlu lokuqala, inkathazo ngehlombe lakho. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzokusindisa, nenekazi na? Uyakukholwa na? Hamba ngqo. . .Inenekazi eliyikhaladi lihlezi. . .Beka isandla sakho kulelonenekazi eliseduze kwakho, linenkathazo ohlangothini lwalo. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzokusindisa, nenekazi na? Kulungile. Beka isandla sakho kolandelayo kuwe, unenkathazo yenhliziyo nomfutho wegazi ophakeme. Uyakholwa, nenekazi na? Kulungile. Sukuma ume ngezinyawo zakho futhi ukwemukele.

Yiba nokukholwa. Yiba nokukholwa!

216 Uphethwe yinkathazo yokwethuka, futhi. Unenkathazo yenhliziyo, futhi unenkathazo enanzini yakho, noma udokotela wakutshela lokho. Kunjalo. Futhi unethumba ekhanda. Kunjalo. Nkk. Elsie Dare. Yebo, uhlala eBronx, ngakho buyela emuva, usuphulukisiwe, uJesu Kristu uyakusindisa. Yiba nokukholwa futhi ukholwe.

217 Leyonkathazo yeqolo ikushiyile ngenkathi esakhulekelwa, qhubeka nje ngqo uthokoza nje, usuvele uphulukisiwe. UNkulunkulu akubusise.

218 Usibekelwe ukufa ngumdlavuza, kodwa uyakholwa ukuthi uNkulunkulu ukuphulukisile na? Qhubeka nje uhamba futhi udumisa iGama likaKristu. . .?. . .

219 Awu, uyakholwa ukuthi uNkulunkulu, uma ngikutshelile, ukuphulukisilee khona lapho, ubuyokukholwa na? Qhubeka nje uthokoza futhi ubonga uNkulunkulu. . .?. . .

220 Kade uthola ukuqina esifweni sokuqaqamba kwamalunga omzimba, kodwa awusenakho. Qhubeka nje uhamba, uJesu Kristu uyakusindisa.

221 Niyakholwa laphaya ezethamelini, nonke na? Yimani ngezinyawo zenu masinya impela khona-ke, uJesu Kristu uyaniphilisa ngamunye. Phakamiselani izandla zenu kuYe manje. Mdumiseni! Nakho lokho kuKhanya kuzungeza yonke indawo ngaphakathi kwesakhiwo. Nangu! Phakamisani izandla zenu ngokukhulu ukushesha futhi niMdumise.

222 Nkosi Nkulunkulu, eGameni likaJesu Kristu, ngixosha udeveli kuwo wonke umuntu lapha, futhi ngicela ukuthi bazophiliswa.

